# UNkulunkulu EngaQondwa Kahle

INkosi inibusise. Ningikhulekele, kulobubusuku. Sibe nesihlambi esincane nje, futhi esenele ukupholisa, esithokozayo ngaso; futhi ngethemba ukuthi sizoba nesinye sezihlambi zokomoya ngaphakathi ukuthi ukusisiza kancanyana.

2 Ngiyakholwa, Mfowethu Neville, uma sizokuphendula lokho kube kuwe. Uthini ngalokho na? Mina ngikhuluma, ngithole okuncane . . . ngithole lowomoya ube kimi bese-ke ngi . . . lelikhanda lami elinempandla lidedela lowo wehle bese ungima emphinjeni.

3 Manje, ngikhiphe eminye . . . eminye imibuzo kulobubusuku, nezimpendulo nje ohlobweni lwe . . . Isizathu sokuba senze lokhu ukuthi nje ukuthola ukuthi yini esezinhliziyweni zabantu.

4 Ngicabanga ukuthi lokho kuhle kakhulu kumelusi ukuba a—akhiphe lokhu, bese-ke ethola mayelana nokuthi nje abantu bacabanga ngani uma bezobhala imibuzo yabo, futhi banento ethize. Futhi ngicabanga ukuthi sonke ubophezekile ukuzwakalisa imicabango yethu kubelusi bethu na—nabaholi bethu bakamoya, kanjalonjalo, nanoma yini esiyibonayo, lokho ukuze sikwazi ukwenza yonke into ihambe kahle futhi ibe kahle, nangenxa yoMbuso kaNkulunkulu.

5 Manje-ke ngi . . . kwenyuke njalo kuze kube cishe nguhhafu wehora eledlule ngibe cishe nemibili noma emithathu ebengi . . . UBilly ayicosha emva kwenkonzo kulokhu ukusa wayeseyenyusela kimi. Ngase-ke ngingena ngase ngifundisisa emBhalweni, ngacabanga ukuthi ngiyobe sengikhuluma kancanyana kulobubusuku, njengoba bengikuphathile, nangokuba phezulu lapha. Wase-ke engibiza emizuzwini embalwa edlule, wathi, "Kubambe nje, senginengagcwala isandla manje."

6 Ngakho ngizozama ukungena ngqo kulena bese ngiyiphendula ngolwazi lwami lonke. Bese kuthi-ke uma ngiqeda ngesikhathi, nginendikimba engithanda uku—ukukhuluma ngayo okwemizuzu nje mhlawumbe engamashumi amabili noma amashumi amathathu, indikimba emfishane nje.

7 Bese kuthi-ke, khumbulani, uma iNkosi ithanda, ekuseni ngeSonto elizayo ngifuna ukwenza okwedlula konke, ngomusa kaNkulunkulu, ukuchaza *AmaSonto Angamashumi AyisiKhombisa KaDanyeli.* Njengoba ngishilo kulokhu ukusa, ngumBhalo omkhulu. Futhi akusikho kakhulu kangako

ukukhuluma ngakho, kodwa ukukubeka lapho kungokwakhona, ukukwenza kwenele nalo lonke iBhayibheli.

8 Futhi siqale eSambulweni 1, sathola ngale esahlukweni se 6. Futhi, kusobala, singena manje eziMpawini zokugcina eziyisikhombisa. NalezoziMpawu zizohamba kusukela kolwesi 6, ingxenye yokugcina yesahluko se 6, kuze kuyofika esahlukweni se 19, kubhanqwe naso. Ngakho bekuzothatha isikhathi eside. Manje, bengingathatha, asithi, ubusuku obuyisikhombisa, futhi ngihambisa IziMpawu eziyisiKhombisa, ngizivula. Kodwa uma ukwenza ngaleyondlela, khona-ke abantu bazogeja ingxenye enkulu emuva *lapha* egcwalisa kulokhu. Futhi uma ngempela bengafundiswa, kungahle kungabi kuhle. Kodwa ezokuqala ezintathu noma ezine zazo yizenzeko nje esingazithatha kahle, ziza nje ngomugqa ngqo; kodwa okulandelayo kwalo, khona-ke uzofanele ubuyele kuDanyeli futhi, ubuye uwelele kuGenesisi, ubuye uwelele eSambulweni, ubuye wehle uyongena emaVangelini, futhi nje ukuphica phakathi lapho, ngoba ngukulandela umkhondo kaIsrayeli, uNkulunkulu ephathelene noIsrayeli. Ngokuba ngenkathi iBandla lenyuka, lokho ngukugcina kweBandla lize Lifike neNkosi yalo njengoMlobokazi noMyeni esahlukweni se 19; phakathi nalesisikhathi kuphathelene noIsrayeli. Nokufaka *AmaSonto Angamashumi AyisiKhombisa KaDanyeli* manje, kubeka isithombe salokhu ukuvulwa okuzayo, uPhawu lokuQala.

9 Ngase-ke ngicabanga, iNkosi ithanda, ngi...ngeSonto elizayo ngiyokhuluma ngalokho. Uma ngingaqedi ngeSonto ekuseni, khona-ke ngiyokuzama ngeSonto ebusuku futhi. Futhi lokho kuyovula indlela-ke, uma iNkosi ingasihola, besingeke sadingeka ukuba siyeke naleyongxenye, besiyoqhubeka siqonde ngqo singene e-*IziMpawu eziyisiKhombisa* futhi nje sikuqhube inqobo nje uma sibone iNkosi ihola.

10 Manje, kulobubusuku sinemibuzo ethize, futhi yonke yephusile, imibuzo enengqondo. Bekukhona owodwa lapha ebengithanda ukukhuluma ngawo kuqala, umzuzwana nje. Bekungomunye obuze...Akusiwo umbuzo, ngomunye nje ongibuzile.

**Ziphi izikhiye zami na? Ngisize ungitshele.**

11 Ba—bazilahle kulentambama. Manje, ngiyakutshela, emavikini ambalwa edlule, cishe ezinsukwini ezimbalwa ezedlule ngangilapha etabernakele...Ngangivamise ukuya emkhulekweni bese ngilinda eNkosini bese ngithola ukuthi zazikuphi lezozinto zabantu. Ngithole izimoto zabantu. INkosi ikhulume kimi lapho abantu bezo...

12 UMfowethu Welch Evans wenyukela lapha futhi walahlekelwa yimoto yakhe, ukhona owayintshontsha eLouisville. Yena noMfowethu Fred Sothmann nabanye

babazalwane. . .uMfowethu Tom Simpson, ngiyakholwa, wayekhona ngalolosuku. Noma kwakunguwe, Mfowethu Tom? Futhi banyukela endlini, futhi kwakukhona uMfowethu Evans engasenamoto, engasenazingubo, yonke into ayenayo yayikuleyomoto. Futhi bama ngale ekwaMiller nomunye umuntu wayithatha.

13 Awu, sasinerakhethi noma iringi eLouisville, lapho behudulela khona lezizimoto futhi bayozigijimisa bazehlisele eBowling Green noma kwenye indawo kanjalo bafike bazipende kabusha. Futhi eKentucky awudingeki ukuba ube nesiqu segama, empeleni, emotweni yakho, futhi bangazishintsha lezozimoto emizuzwini embalwa futhi bazithengise noma yikuphi lapho ababefuna khona.

14 Awu, uMfowethu Evans nemoto yakhe encane nakho konke ayenakho kuyo, neNkosi yanginika impendulo ngayo. Futhi ngaphambi kokuba baze bafike ngisho ekhaya, imoto yayihlezi phandle lapha isicishe ibe emthi uhhafu kapetroli, lapho Eyabajikisa khona emgwaqeni beya eBowling Green, futhi yababuyisa base bebeka imoto emuva ngqo ngaphandle lapho nayoyonke into iphakathi kuyo, kungekho-nto elahlekile, kungupetroli nje owasentshiswa.

15 Izikhathi eziningi abantu bashilo ukuthi izinto *ezithile*, futhi babuze, futhi ngiyaye ngiye phambi kweNkosi futhi ngilindele leyomibono, manje, ngilinde ize ifike. Kodwa ngithola ukuthi lokho kulethe esikhulu isikhubekiso phambi kwabantu. Ngempela, abantu baseMelika abayilungele inkonzo enjalo, amabandla. Kunjalo. Ku—kungaphambili le kwesikhathi sabo. Niyabo? Futhi kubangela yonke into, abanye bakubiza ngo "develi," abanye bakubiza ngo "khonza imimoya yabangasekho," abanye bakubiza nge "ndodana kaNkulunkulu," u "nkulunkulu," nakho konke. Niyabo? Ngakho ngethembise iNkosi nje ukuthi ngizokudedela bese nje ngilinda bese ngisebenzisa leyonkonzo eAfrika noma ezingxoxiswaneni eziqondene nomuntu ngqo uma nginazo lapha.

16 Manje, silapha ukuba sibe nezingxoxiswano eziqondene nomuntu ngqo, lokho kusalokho kuya ezintweni ezinjalo. Kodwa. . .Nendlela yokuzithola akusikho ukuza ebandleni, hamba uye kunobhala wethu, indodana yami, uBilly Paul, futhi uzokunika encane. . .ithikithi elikutshela ukuthi nje kuzoba nini nakanjalonjalo. Nanoma yini enjalo, lokho kusezingxoxiswaneni eziqondene nomuntu ngqo, lapha noma ensimini, bangeza kuphela ngaleyondlela. Leyo yi—yibhodi yakho kusakazwa, noma incwadi, noma inothi ebhodini lezaziso lapho, kokuthi kwenziwa kanjani lokhu. Kodwa ukwenyukela lapha nje emsamo. . .

17 Manje, sineziphiwo ebandleni. SinoMfowethu Neville lapha omukele isiphiwo sokuprofetha. UMfowethu Higginbotham

ohlezi lapha, onesiphiwo sokukhuluma ngezilimi nokuhumusha izilimi. Nginganeluleka . . . Ngizokhuleka ukuthi uNkulunkulu uzokunika izikhiye zakho, kodwa ngi—ngiyeluleka mhlawumbe ukuthi uma uMoya oNgcwele uzokhuluma kulobubusuku, mhlawumbe, ngoMfowethu Neville noma uMfowethu Higginbotham, noma ezinye zaleziziphiwo ebandleni, ukuthi sinemibuzo ethize ekhona emizuzwini embalwa, ukuthi mhlawumbe bebengakwenza lokho.

18 Kodwa, ngesingami, ngenza isithembiso kuNkulunkulu, ngeke kusenzeka eMelika emihlanganweni yomphakathi, niyabo, ngoba nje kwangibangela ukuba ngishiye ensimini. Bese kuthi-ke abanye bayokugijimisa uze uyothi ngqi ekutheni ungu—ngu "develi," abanye bayokwenza u "nkulunkulu." Futhi ngakho niyabo, kuthi nje abakulungele. Futhi ngakho uNkulunkulu ngeke akusebenza lokho, futhi ngineqiniso ukuthi umuntu okubuzile uzoqonda. Manje, mhlawumbe uMoya oNgcwele nokho kulobubusuku . . . Khuleka nje. Ngizokhuleka ukuthi uMoya oNgcwele uzokukhombisa ngqo ukuthi iphasela yakho ikuphi oyilindele. Ngikhulekela ukuthi uzoyithola, futhi ngiyakholwa ukuthi uzoyithola. Uyabo?

19 Futhi . . . kodwa manje . . . Bese kuthi-ke, manje, uBilly Paul, uma ekhona onento enjengaleyo, ukuthi bazombiza, uzobakhomba ebandleni, ngizama ukuthatha izehlo eziphuthumayo uma ngisekhaya.

20 Manje, asithi, manje ngaphambi kokuba sisondele kulemibuzo . . . Kuqala, ngifuna ukusho ukuthi noma yiyiphi impendulo engahambisani nokukholwa kwakho noma i . . . eBhayibhelini, ayihambisani neZwi, khona-ke awudingeki ukuthi uyemukele. Futhi ukuze ngithole ukwehla futhi mhlawumbe ngifinyelele endikimbeni futhi kulobubusuku, ngifuna ukuqhubeka futhi ngiyiphendule naleyo engicabanga ukuthi—ukuthi inokomBhalo ukuphendula ngawo, awu, ngizoyiphendula, konke engingakwenza. Kodwa nje ngisanda kuyithola emizuzwini embalwa edlule, yonke ngaphandle kwemithathu, futhi ayikho emithathu yaleyo ebinanoma yini . . . Izinto ezincane nje mayelana nomunye ophuphe iphupho noma okuthize, befuna ukwazi ukuthi bangalisho yini, noma enye into ethize efana naleyo, niyabo.

Ngakho asikhothamise amakhanda ethu manje njengoba sisondela esihawini saKhe.

21 Nkosi, singabantu baKho ababizwa ngeGama laKho. Futhi sijabula kakhulu kulobubusuku ukwazi ukuthi sinoBaba waseZulwini osiqaphayo nosinakekelayo, nosithandayo njengabantwana baKhe uQobo abathandekayo. Futhi ngakho ngiyajabula, Nkosi, ukuthi ngibalwa kanye nalababantu, ukuba ngibe ngumfowabo, futhi bangabafowethu nodadewethu. Ngibonga kakhulu.

22 Kukhona oyedwa, Nkosi, olahlekelwe yizikhiye. Wena wazi kahle lapho ezibekeke khona. Ngikhulekela ukuthi Uzokwembula futhi ubalethe baqonde ngqo kulezozikhiye. Kuyinto eyigugu kubo, kungokwemoto yabo. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzosipha lesisicelo kulabobantu.

23 Manje ngikhulekela ukuthi Uzobusisa umelusi wethu, uMfowethu Neville wethu othandekayo. Sijabula kakhulu ukuKubona usebenza phakathi kwethu kuleziziphiwo zokomoya ezinkulu ebandleni lethu, ingxenye yomzimba kaKristu okhonzayo kulelikhona lika Eighth noPenn. Sijabula kakhulu ukuba sibalwe kanye naleloqembu labantu, nokwazi ukuthi uNkulunkulu wembula izimfihlo kubantu baKhe. Ngikhulekela ukuthi Uzobusisa uMfowethu Neville, umelusi wethu, noMfowethu Higginbotham, uMfowethu Funk, uMfowethu Junior Jackson, nodadewethu, abakhuluma ngezilimi futhi banikeze izincazo. Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqhubeka nokuzibonakalisa Wena uqobo ngaleziziphiwo ezinkulu, ukuze ibandla lethu laziwe njengebandla likamoya, ukuthi lapho abantu abakhathazekileyo bengeza khona futhi bahlale eBukhoneni bukaNkulunkulu uSomandla futhi bazi ukuthi Ukhuluma futhi embule izimfihlo zenhliziyo.

24 Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzosibusisa kulobubusuku ekuphenduleni lemibuzo. Eminye yayo, Nkosi, ithambile, neminye yayo iqinile. Kulowo ngamunye obuze umbuzo, ngumbuzo oqinile. Uyinto esenhliziyweni yabo, bafuna uxazululeke. Futhi, Baba, sonke asanele yilemisebenzi, kodwa siyazi ukuthi Wena ungaphezu kokwanela. Ngakho siyakhuleka ukuthi Uzoyihumusha lemibuzo kithi, ukuze sinike abantu izimpendulo eziqondileyo, ukuze basizwe nebandla likhuliswe, iGama likaNkulunkulu lihlonishwe.

25 Manje, Baba, uma kuyintando yaKho, ngikhulekela ukuthi Uzosebenzana nathi ngaleliviki futhi uzongisiza njengoba ngifundisisa ngalawo-*AmaSonto Angamashumi AyisiKhombisa KaDanyeli*, ukuze ngikwazi ngeSonto elizayo ekuseni, uma kuba yintando yaKho, ukuba ngivule umBhalo kulabobantu. Nkulunkulu, siphe khona, ukuze imiphefumulo yabo ihlunyeleliswe. Fundisa labo, Nkosi, abafuna izinto ezijulile. Sindisa labo abalahlekile. Philisa labo abagulayo. Sonke silindele Wena, Baba. EGameni likaJesu. Amen.

26 Manje, lombuzo wokuqala awusiwo ngempela umbuzo, yinto encane nje ye. . . Shonini, ngabe ngimi ngisondele kakhulu kulokhu na? Ngabe lokho kuyafikizisa, emuva lapho ngemuva na? Uma kwenza, phakamisa isandla sakho.

**132. Mfowethu Bill, ngicela usho okuthize mayelana nabo bobabili abantwana nabadala ngokubanga umsindo omningi emorn-. . . beya le na le ngesikhathi senkonzo.**

**Lelitabernakele lidinga izifundo ezithize enhloniphweni yokuzithoba.**

27 Amen! Bantwana, awazi yini ukuthi uthoba kanjani endlini kaNkulunkulu na? Awazi yini ukuthi lokhu ngokungcwele kukaNkulunkulu na? UNkulunkulu usethempelini laKhe elingcwele, wonke umuntu makathule. Yindawo kaNkulunkulu lapho abantu beza khona, bezindla, bezama ukuthola insindiso emphefumulweni; bezama ukuthola izinkinga zezimpilo zabantu, bezama ukusiza omunye. Okuncane kakhulu ongakwenza ngukuhlonipha ngokuzithoba, uthule. Zitholele amanzi okuphuza ngaphambi kokuba kuqale inkonzo, ngiyazi abancinyane ufuna ukuphuza. Omama onalabo bafo abancane, uma nizohlala eduze kwasemuva, nibathulise nje ngakho konke. Futhi akufanele neze kubekhona ukunyenyeza, kungabikho neze ukunyenyeza okukodwa. Sonke sinecala. Kodwa uma leloBhayibheli selifundwa nalowomfundisi esengena epulpiti, sifanele sithule, silindele eNkosini. Manje, ngiyacela zamani ukwenza lokho.

28 Ngiyazi, nina bafo abancane, niyaye nithi ukuyobayoba kancane. Lokho, uma nikwenza, kwenzeni nje—nje kahle ngempela. Futhi, khumbulani, umama akafuni wenze lokho, nobabayi akafuni wenze lokho. Futhi ngakho . . .

29 Futhi ngiyazi, nginabancinyane, nami, abayobayobayo, noJoseph. Futhi uMeda uthi, "Angitholi lutho enkonzweni, ngizama ukuthulisa uJoe." Awu, uzama ukwenza lokho ukuze omunye umuntu akwazi ukuthola utho enkonzweni. Niyabo?

30 Futhi sihlala njalo sifuna ukuhloniphana, sihloniphane. Futhi, phezu kwakho konke, sihloniphe uNkulunkulu futhi sihloniphe indlu yaKhe.

Manje, lombuzo olandelayo uthi:

**133. Abantwana ababili, abadala ngeminyaka eyisithupha kuya kweyisishiyagalombili, kade belapha ealtare kulokhu ukusa. Kumasinya kangakanani ukweluleka ukuba babhaphathizwe na?**

31 Nje masinya ngakho konke ongakwenza. "Phenduka masinyane futhi ubhaphathizwe," lokho kungukuthi, eGameni likaJesu Kristu. Manje, lowo ngumbuzo ongowokuqala. Ngingakweluleka lokho. Kodwa sithola ukuthi emiBhalweni . . .

32 Wena uthi, "Ngabe kungokomBhalo lokho na?"

33 Ngenkathi uPetru eshumayela ngoSuku lwePentekoste, imiphefumulo eyizinkulungwane ezintathu yasindiswa futhi yabhaphathizwa ngaso lesosikhathi. "Abaningi abakholwa yiNkosi babhaphathizwa." Ngakho ngokushesha nje uma usukholwa yiNkosi futhi uYemukela njengoMsindisi wakho, hamba uqonde ngqo uye emanzini futhi wenze ukuvuma kwakho

kuqale khona lapho; umncane noma umdala, akunandaba ukuthi ubani.

34 Wena uthi, "Awu, lababantwana ngahle ukuba basebancane kakhulu."

35 UJesu wathi, "Vumelani abantwana beze kiMi, ningabenqabeli, ngokuba uMbuso kaNkulunkulu ungowabanjalo." Ngeke nganqikaza ukubeka isandla sami phezu komntwana ofuna ukuza ealtare noma abhaphathizwe, noma eneminyaka emingaki, angikhathali ukuthi baneminyaka emingaki.

Manje umbuzo wesibili.

**134. Umngane wethu ongumfundisi ubhaphathiza egameni lika "Yise, neleNdodana, nelikaMoya oNgcwele." Besingathweswa icala yini ngokungamtsheli ngokweduka kwakhe na?**

36 Ngiyakholwa, njengomKristu, njengomsebenzi, futhi uma engumngane wenu oqondene nani . . . Kungesikho ukuthatha impikiswano naye; uma nenza lokho, khona-ke anenzi kahle, umoya wenu—wenu awulungile. Kodwa uma nimthanda lowomfowethu, okungukuthi nifanele, ngoba nithe, "Umfundisi ongumngane." Khona-ke . . . Akukho-magama elisayinwe kunoma yimaphi alamanothi, angazi ukuthi ivelaphi, lemibuzo.

37 Manje, benginganeluleka, noma ngabe ngubani, uma lomngane ongumfundisi ebhaphathiza kanje, futhi nivakashela ikhaya lakhe kanjalonjalo, nje benginga—nje bengingawuphatha umbuzo ngesinye isikhathi. Futhi lokho bekunganinika . . . Nje kuxoxwe ngawo, lokhu nje nikhuluma ngakuwo, nijikajika; futhi nidedele iNkosi iwuvule, khona-ke yiNkosi enitshela ukuba nikwenze. Niyabo? Lindani nje iNkosi ize ivule umbuzo. Bese-ke nithi kuye, nithi, "Mfowethu, ngiyamangala nje, emiBhalweni kaMathewu 28:19 neZenzo 2:38, futhi kuqhubeke, ngabe kukhona ukuphikisana okuthize lapho na? Ungachaza ukuthi kungani omunye athi lapho, 'Uyise, iNdodana, noMoya oNgcwele,' nomunye wathi, 'IGama likaJesu Kristu'?"

38 Manje—manje, ungazami . . . Uma ngempela ungesiso isitshudeni, futhi ungazi ukuthi ukhuluma ngani, kungcono ukuyeke kanjalo. Niyabo? Ungamtshela nje, uthi, "Awu, ngifisa sengathi ubungenyuka . . . " Uma ebonakala eqotho, uthi, "Angazi noma ubungabonana yini nomelusi wethu noma omunye futhi nikuxoxe na?"

39 Ngiyakutshela, kuyinto ijulile. Niyabo? Ungakubeki phezu kwakho, ngoba ungahle uzisonge wena uqobo. Futhi uma u . . . Manje, uma wazi ukuthi ukhuluma ngani, futhi uzinze ngokugxilile futhi uyazi imiBhalo, kulungile. Kodwa ungamkhubi, noma ngabe yini oyenzayo, ungamkhubi. Niyabo? Ungalethi isikhubekiso, mtshele lokho nje . . .

40 Futhi, kusobala, wedukile. Yiqiniso lelo. Indoda idukile uma ibhaphathiza kanjalo. Futhi noma yiyiphi indoda ebhaphathiza egameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele" ngokomBhalo idukile. Kunjalo.

Umbuzo wesithathu.

**135. Esitatimendeni sokukholwa, bathi, "Sikholwa kuNkulunkulu oyedwa, oPhakade, ephila kubantu abathathu: uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. UMathewu 28:19, 18 nele 19; abokuQala . . . abaseKorinte 13:14." Lokhu akufanele yini kube yizikhundla ezintathu esikhundleni sabantu abathathu na?**

41 Uqinisile! Akukho-bantu *abathathu* ebuNkulunkulwini. Futhi ngeke babakhona ubuntu ngaphandle kokuba kube ngumuntu, kuthatha umuntu ukwenza ubuntu. Akukho-Nkulunkulu abathathu. Munye kuphela uNkulunkulu, nalowoNkulunkulu nguJesu Kristu. UNkulunkulu unguMoya ohlala kuJesu Kristu, futhi uhlala eBandleni laKhe (wena nami) namhlanje, Ezehlukanisa kithi esimweni sikaMoya oNgcwele, onguNkulunkulu uSomandla, uqobo lwaKhe, ehlala kuwe.

42 Manje, uqinisile, ngu "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," yizikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. Kodwa, hhayi oNkulunkulu abathathu, lokho ngokomBhalo kuyiphutha.

**136. UmKristu angaya yini eZulwini uma yena owesilisa noma yena owesifazane engakhokhi okweshumi na?**

43 Manje, lowo yilowo engingeke ngakwazi ukuwuphendula, ngokomBhalo.

44 Manje, lo "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele," uma umfundisi eqotho, nje sa—sazise, niyabo, singajabula . . . uMfowethu Neville nami uqobo, noma uMfowethu Beeler, noma uMfowethu Collins, noma yimuphi walababefundisi lapha abagcotshelwe lenkonzo, kanjalonjalo, ba—bangenza kanjalo.

Manje, kodwa manje: **Ngabe umKristu akangeni yini eZulwini ngoba abakhokhi okweshumi na?**

45 Ngi—Ngingeke ngithi "yebo" noma "qha" kulokho. Kodwa ngiyakholwa ukuthi wonke umKristu ubophezelekile ukuba akhokhe izishumi ngoba ngumyalo weNkosi. "Futhi ubusisiwe o . . . labo abenza yonke imiyalo yaKhe, ukuze babenelungelo lokungena ekuPhileni, uMuthi wokuPhila." Manje, ngiyakholwa ukuthi ukukhokha okweshumi kufanelekile olwazini lwesipiliyoni somKristu. Ngokuba ngizongena kulokho komunye umbuzo emizuzwaneni embalwa, ngiyazi ukuthi kukhona omunye phakathi lapha ophathelene nalokho.

**137. Mfowethu Branham, ngisindisiwe futhi ngibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, kodwa ngingaphuma kanjani emoyeni wenkani engingabonakali ngigqashuka kuwo na?**

46 Awu, mfowethu noma dadewethu ongumKristu, noma kungaba ngubani, manje, izikhathi eziningi impela uma uthola abantu abanomoya benkani, ngokwejwayelekile ngukuphithana okubangela lokhu, kuphakathi kokuthi bawuthatha uwufuzo kumama, ubaba, umalume, u-anti, noma ugogo, umkhulu, omunye umuntu onjalo. Futhi uma uzolandela umgudu emuva wehle njalo empilweni yakho, uzothola . . . Manje, ngikuthathe ngesipiliyoni, phansi kokubona okufihlakele, ngoba ngidibane nezehlo emsamo, izinkulungwane zalabo ababenalowomoya. Futhi into yokuqala niyazi, ngilandela umgudu walowomoya kusukela emuva impela ngokubona okufihlakele futhi ngithole ukuthi kwakukhona umkhulu, kwakukhona ugogo, kwakukhona omunye emuva phansi lapho, futhi wena ukuthatha lokho kuwufuzo ngemvelo.

47 Inkani, ukuba nenkani akusikho okukaNkulunkulu. Futhi manje indlela kuphela yokusuka kulokho ingukuthi ufanele ube nokukholwa ukuba unqobe lokho, lokho, wena ungumKristu. Uyindodana nendodakazi kaNkulunkulu, noma ungaba yikuphi, futhi awusoze wakwazi nje ukuma futhi ukukhuze futhi ukukhuze futhi ukukhuze. Kufana nje nokugabisela inyoka enesihlungu esibi enomsila okhehlezayo, ilele lapho ilungele ukukuluma. Uma nje uzovele ungayinaki futhi usuke kuyo, ingeke ikulimaze. Niyabo?

48 Ngakho uma uzizwa unomoya wenkani, beka into ealtare, bese umkholwa uNkulunkulu ukuthi into isifile futhi awusophinde ubuye ube nayo, bese uyaqhubeka futhi ungabe usaphinde ngisho ukunake, futhi into izokuyeka. *Melanani* nodeveli khona uzonibalekela, lokho kungukuthi, "deda ngokushesha." Ngakho lokho, kungaba yiseluleko sami sokuthi ungawunqoba kanjani. Sinqoba udeveli ngokukholwa. Sibunqoba kanjalo-ke bonke ububi, kungokukholwa.

**138. Ubhaphathizelani eGameni likaJesu Kristu endaweni yegama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele na"?**

49 Awu, ayikho into okuthiwa yigama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Yileso isizathu. Kwakungekho-muntu eBhayibhelini owake wabhaphathizwa eGameni lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Wonke umuntu eBhayibhelini, noma iminyaka engamakhulu amathathu ngapha kweBhayibheli, wayebhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu. Akukho noyedwa umphostoli, akukho noyedwa umKristu, akukaze nakanye ukuba u "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele" ake asetshenziswe embhaphathizweni kwaze kwahlelwa ibandla eliKatolika eMkhandlwini waseNayisiya, iminyaka engamakhulu amathathu nesithupha emva kokufa komphostoli wokugcina.

50 Ayikho into okuthiwa yigama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele." Uyise akusilo igama, iNdodana akusilo

igama, uMoya oNgcwele akusilo igama. Yiziqu ezintathu, iziqu zezikhundla ezintathu eGameni: uJesu Kristu. Ngakho ngakhoke ayikho into okuthiwa yigama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Futhi akukho. . .Akukho-gama kukho, ngakho ngibhaphathiza eGameni likaJesu Kristu okuyiGama likaYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. Kuyacaca na?

**139. Abanye abantu bathi "UKristu wayeseHayidese ngaphambi kokuvuka." Ngabe lokhu. . .Ngabe ukhona umBhalo walokhu na?**

51 Manje, nanku umbuzo wangokomBhalo ngithanda ukukuphendula emiBhalweni, ngoba iyabuzwa, "Ngabe kusemiBhalweni na?"

52 Bengithanda ukuba niphenye kanye nami kuPetru wokuQala 3:18 nelama 20, wena ofuna ukuWuzwa, noma ngabe ubuze umbuzo noma qha, ukuze ungathathi izwi lomuny'umuntu. UngaWufunda futhi uthole ukuthi ngabe lokhu kuyiqiniso noma qha. Sifuna njalo ukuhlala neQiniso, nalapho iBhayibheli elilisho khona. Nalomuntu othandekayo, noma ngabe bekungubani, uwubuzile njengokufuna ukwazi ngokwenkomba evela eBhayibhelini uma lokhu kunjalo noma qha.

53 Manje, sithola lokhu e. . .Uma nginakho. LeliBhayibheli elidala selicishe lidabuke liphele, lapha, osekuyiminyaka eminingana ngi—ngibe nalo. Uma ngingabona ukuthi nginakho yini phakathi lapha, ngicabanga ukuthi mhlawumbe. . . Umzuzwana owodwa nje, mfowethu, uma ngi—ngi—nginokuqiniseka ukuthi yi. . .Ake sibone, ilandela nje emva kukaThimothewu, uThithu, namaHeberu. Nakhu la esikhona, ya, sengikutholile. Ngiyabonga. UPetru wokuQala 3, isahluko 3 sikaPetru wokuQala. Isahluko 3, futhi asiqale nge—ngevesi le 18.

> *Ngokuba naye uKristu wahlupheka kwaba kanye ngezono, olungileyo ngenxa yabangalungile, ukuba asiyise kuNkulunkulu, ebulawa enyameni, kepha ephiliswa eMoyeni:* (ephiliswa eMoyeni)
>
> *Ehamba ngawo ukushumayeza omoya abasekuboshweni;*
>
> *Abakade bengalaleli, lapho ukubekezela kukaNkulunkulu kubalindele ezinsukwini zikaNowa, umkhumbi usakhiwa, abasindiswa ngawo abayingcosana, okungukuthi, abayisishiyagalombili ngawo amanzi.*

54 Manje phenyani eZenzweni 2, iZenzo 2, futhi sizothatha i—ivesi 30, siqala eZenzweni 2, futhi lona nguMphostoli uPetru futhi ekhuluma. IZenzo, isahluko 2, ne—nevesi 30 ngikubhale phansi lapha.

> Lapho...*Ngakho lokhu engumprofethi, ekwazi ukuthi uNkulunkulu wayefungile kuye ngesifungo, sokuthi uyakumisa uKristu evela ezi*nzalweni *yokhalo lwakhe, ngokwenyama, ahlale esihlalweni sakhe sobukhosi;*
>
> *Ebona loku kusephambili wakhuluma ngokuvuka kukaKristu, ukuthi umphefumulo wakhe awushiywanga ehayidese,* nenyama yaKhe *ayibonanga ukubola* (Umzimba kaKristu).

55 Umphefumulo waKhe wehlela esihogweni futhi washumayela emimoyeni, noma imiphefumulo engaphendukanga ekubekezeleni ezinsukwini zikaNowa. Umphefumulo waKhe wehlela esihogweni futhi Washumayela emimoyeni, futhi wavuka ngosuku lwesithathu. Lokho kungokomBhalo, iQiniso.

**140. Manje, ngabe ezinhlanu zezintombi zalahlwa na?**

56 Ngizicabangela ukuthi babuza umbuzo, "izintombi ezinhlanu," ezinhlanu ezihlakaniphile nezinhlanu eziyiziwula. Manje, ukuba ubunathi ezifundisweni zokugcina eSambulweni, uthola ukuthi lapho lezo zintombi, i—izintombi ezinhlanu eziyiziwula azilahlwanga; kodwa azivunyelwanga ukuba zihambe ziyongena esiDlweni sakusihlwa soMshado, kodwa zahlushwa futhi zafela ukholo, futhi zabuye zavuka ekuvukeni okukhulu ngosuku lokugcina. Labo ngabantu lapho Ahlukanisa khona izimvu ezimbuzini, niyabo, bama phambi kokwaHlulelwa.

57 Wena uthi, "Awu, Mfowethu Branham, thina asimi yini, iBandla na?" Qhabo, mnumzane! Asimi phambi kokwaHlulelwa.

58 Simi manje phambi kokwahlulelwa, uNkulunkulu wabeka izono zethu phezu kukaKristu, futhi si... "Ozwa iZwi laMi" uJohane oNgwele 5:24 "futhi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okuPhakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Akusekho ukwaHlulelwa kweBandla. Selithathwe layiswa ekuHlwithweni, futhi liyabuya ukuzokwehlulela abantu abangawemukelanga uMoya oNgcwele. Akasho yini uPawulu ukuthi akanasibindi sokuba omunye wethu angathatha u—udaba aluyise enkantolo, emantshini engalungile, kanti, "anazi yini ukuthi abaNgcwele bayokwahlulela umhlaba na?" Siyohlala noKristu futhi sehlulele amakhosi nabapristi, futhi sehlulele lababantu esashumayela kubo futhi sabatshela ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele futhi bala ukuWemukela. Kucabangeni!

59 Qhabo, abalahlwanga, kodwa abasoze babe kuMlobokazi. Bayofika ekuvukeni kwesibili, kodwa ngeke neze babe kuMlobokazi, futhi behlulelwe ngendlela abaphatha ngayo

ukuKhanya abakwemukelayo. Manje, leyongxenye iyoba kuKristu. Abalahlwanga, nokho.

**141. Mfowethu Branham, kwabaseKorinte bokuQala, kwabaseKorinte, isahluko se 14, ivesi 34 nelama 35, kuthi, "Abasifazane benu mabathule emabandleni ngokuba kabavunyelwe ukuba bakhulume." Elama 35, "Ngokuba kuyihlazo ukuba owesifazane akhulume ebandleni." Manje, uma owesifazane enezinwele ezimfishane ekhuluma—ekhuluma ngezilimi e—emabandleni, ebandleni, ngabe uMoya ka—kaMoya oNgcwele okhuluma ngaye noma ngabe umoya wamanga na?**

60 Manje, ni . . . Futhi lona ngumbuzo ol'khuni ngempela, futhi ngingawuphendula kuphela ngakho konke engaziyo ukuthi kuphendulwa kanjani, niyabo. Manje, ngeke ngehlulela, ngoba angithunyelwanga ukwehlulela. Kodwa ngicabanga ukuthi ziningi kakhulu izikhathi . . . Nginomunye umbuzo phansi lapha ndawondawo ohambisana ngqo nalowo. Kodwa uma umuntu ekhuluma ngezilimi, bagcotshwe nguNkulunkulu. Niyabo? Bangahle ukuba baphumile enqubweni, lokho kungaba yiqiniso, futhi bangahle ukuba benza into engalungile, kodwa ngeke ngafuna ukusho ukuthi bekungesiwo uMoya oNgcwele, ngoba ngeke ngazi. Niyabo?

61 Futhi manje ziningi izikhathi lapho lokhu . . . ukuthi abantu behlulelana ngokungesikho. Futhi kuyinto embi ukukwenza. Wena uthi, "Kungani, unezinwele ezimfishane, ugqoka ingubo imfishane kakhulu, lowo—lowo—lowo akusiwo uMoya oNgcwele ophezu kwakhe." Ungakwenzi lokho! Ungakwenzi lokho, lokho akulungile. Awukwazi okukuleyonhliziyo yowesifazane. Awazi lutho ngakho. Uyazi ukuthi uMoya oNgcwele ungamenza aziphathe kangconywana, manje, lokho kungaba yiqiniso. Kodwa ngizokutshela, njengawe nami, akube nguNkulunkulu owenza ukwehlulela kwalokho, futhi makuthi wena nami nje sikhulekele lowomuntu ukuthi uNkulunkulu uzobabonisa ukuKhanya.

62 Lapha esikhathini esithize esedlule indoda yahlangana nami phandle lapha, eceleni. Futhi nganginomshayi wopiyano lapha owayenesincane, esifishane, isiketi esincane, futhi kwakungesikho nje impela, ngiqagele, okulungile nje. Nenenekazi lalinezinwele ezimfishane, futhi laliseyingane nje kuleNdlela, futhi lalidlala upiyano. Nendoda yahlangana nami phandle lapho futhi nje yayingidlavaza, yathi, "Futhi wena ungumshumayeli wepentecostal, futhi uvumela lowo owesifazane ahlale phezulu lapho! Lezozinwele ezimfishane!" Futhi eqhubeka nje njengakho konke.

63 "Awu," ngathi, "Ngicabanga ukuthi owesifazane unomoya omuhle kuye. Impela angivumelani nalokho, uyazi, ingxenye yesiketi phezulu lapha, ophisi ababili."

64 Omunye wawo usezansi *lapha* nomunye uthe ukuba ngenhla *lapha*, kunjengeyembe abaligqokayo. Futhi ngakho kulula ngempela futhi kubonisa leyongubo engaphansi abanayo ngapho. Angicabangi ukuthi—ukuthi lokho kufanele kwenziwe. A—angikuthandi lokho, angikuthandi ngempela. Ngi—ngingeke ngasho. . . Ba—bangahle nje ukuba bagcwaliswe ngoMoya njenganoma ubani omunye, angazi; uNkulunkulu uyakwazi lokho. Kodwa ngeke ngamgxeka lowo wesifazane futhi ngithi wayeya esihogweni, ngokubuka.

65 Lomuntu ofanayo ebandleni lakhe wayenenenekazi elalinezinwele ezinde futhi ligqoke izingubo ezinde, futhi lalinolaka olwenele ukulwa nomsindo wesaha, futhi lalingenamusa nje nhlobo. Manje, izinwele ezinde neziketi ezinde azikuyisi eZulwini. Qhabo, mnumzane! NguMoya okuwe okuyisa eZulwini. Kodwa uma wena njengomKristu . . .

66 Khona-ke ufanele ukhumbule ukuthi izikhathi eziningi abelusi abazisho lezozinto nabantu nje ngokuzenzekelayo bayaqhubeka, becabanga ukuthi kulungile. Kodwa umelusi ubefanele ngempela adabule angene kulokho. Futhi—futhi—futhi-ke odade bebandla, labodade abasekumeni esimilweni, begqoke izingubo zabo ngokuhlanzekile, bafanele babe yizibonelo zobumnandi, no—nobumama nokufana nobudade.

67 Futhi ngicabanga ukuthi noma yimuphi owesifazane onobumama nokumesaba uNkulunkulu nokuba nobudade ufanele aye kumuntu onjalo, nangobumnandi bukaMoya, afike nje ahlale phansi futhi akhulume nalelonenekazi. Futhi uma lingelikaNkulunkulu, uMoya oNgcwele uzoziqonda lezizinto, futhi liyozilungisa lona. Kodwa uma uligxeka ngokukhulu ukushesha futhi ulixoshe, ungahle uyilimaze leyo esencane, ingane ezelweyo. Niyabo? Ngakho ngi—ngingemgxeke umuntu.

68 Manje, umuntu ekhuluma ngezilimi.

69 Manje, ngi—ngidingeke ukuba ngisho eny'into lapha engahle nje ixake kancane, futhi uma ungavumelani nami, lokho kulungile. Niyabo, sizehlulela ngokungesikho lezizinto izikhathi eziningi kakhulu. Asithi njalo sizame ukucabanga okuhle okwedlula konke kwanoma ubani ozama ukwenza okulungileyo. Asiveze okuhle kwethu okwedlula konke kubo. O, bayazama. Asiyazi inhliziyo yabo, ngaphandle uma unokubona okufihlakeleyo. Futhi uma besephutheni, khona-ke uma une. . . IBhayibheli lathi, "Uma umzalwane ehlelwa yisiphambeko, makuthi labo abomoya baye kulowomzalwane ngomoya wobumnene, uzibheke wena funa uyengwe, futhi ubone ukuthi ungeke yini wambuyisa lowomuntu, niyabo, abuyele kuNkulunkulu." Ungasho ukuthi abanawo umoya oyiwo, ngoba . . .

70 Lalelani, manje ngizosho eny'into ezonigwaza ngempela okomzuzu, ngakho nje hlalani nithule umzuzwana. UMoya

oNgcwele ungakhuluma ngomzenzisi. Impela! Ngikubonile kwenzeka, futhi nginganifakazela ngemiBhalo ukuthi lokho kuqinisile. Ngingafakazisa kini ngemiBhalo ukuthi amandla amademoni athatha leyomimoya futhi ayisebenzise, impela, angathatha lezoziphiwo futhi azisebenzise. Ngime kahle . . . futhi ngabona odeveli bekhuluma ngezilimi futhi bakuhumusha. Futhi ngibone abazenzisi bethatha uMoya oNgcwele wangoqobo futhi bakhulume ngawo. Yingalesosizathu ungeke washo ukuthi ukukhuluma ngezilimi kungubufakazi kuphela obubonakalayo bokuba noMoya oNgcwele.

71 Manje, esikhathini esithize esedlule ngenkathi ngiqala ukulethwa ePentekoste, ngaya eMishawaka etabernakele likaMfowethu Rowe. Lapho babenengqungqquthela, kwakungabantu beJesus Name. Manje, angivumelananga nabantu beJesus Name. Bona . . . akukho—akukho . . . Bangabafowethu, kodwa isizathu ngithi . . .

72 Babhaphathizela eku *zalweni kabusha*, eGameni likaJesu Kristu; angikukholwa lokho. Angikholwa ukuthi amanzi ayakusindisa esonweni. Ngikholwa ukuthi yiGazi likaJesu Kristu kungukuzalwa kabusha. Kodwa abantu be Oneness babhaphathizela ekuzalweni kabusha. IGama likaJesu, nje "Bhaphathizelwa eGameni likaJesu, futhi kungukuthi uyasindiswa, ngoba wathi 'Phendukani, nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu.'"

73 Kodwa yini efika kuqala na? Ukuphenduka, ukudabuka kokumesaba uNkulunkulu ngenxa yezono zakho, bese uyajika. Bese ubhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu, kulungile. Wenze konke okwalokhu kukho ukuthethelelwa kwezono.

74 Manje, futhi phakathi lapho, kwakukhona abantu abayizinkulungwane eziningana. Ngalezozinsuku babenobandlululo eNyakatho lapha, noma eNingizimu, futhi babefanele babenayo enhla lapha ngoba abafowethu abaningi abangamakhaladi wayeza kulengqungqquthela. Kwakuyi P.A. ye W. ne P.A. ye G. . . J.C. ingakafufusi. Futhi babeseMishawaka, amakhaladi nabamhlophe, bonke bendawonye, babengeke babenayo eNingizimu ngalesosikhathi. Awu, ngangibone amadoda amabili amhlophe ehlezi esihlalweni. Ngangingakaze ngizwe noma yimuphi walemilayezo ngaphambili empilweni yami. Futhi lapho lawomadoda ayesukuma neyodwa ikhulume ngezilimi nenye inikeze incazo, futhi itshele abantu khona impela emhlanganweni ukuthi yini eyayingalungile kubo, itshele abantu ukuthi babenzeni. Bese kuthi lena enye ikhulume nenye ihumushe. Ngacabanga, "Wo, ngiqathakele phansi lapha phakathi kwezingelosi." Ngingakaze ngizwe ngento enjalo!

75 Ubusuku bonke, ensimini yommbila, ngakhuleka. Ngokuba kusukela ngiseyingane encane, ngangikholwa

ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka, bengihlala njalo ngikwazi ukubona imibono. Futhi ngokusa okulandelayo bangicela ukuba ngikhulume, futhi ngakhuluma. Ngaphandle lapho kwakukhona abantu abaningi abeza kimi futhi bangimemela emihlanganweni yabo, nokho ngangiyiMissionary Baptisti. Ngakho nga—ngaqhubeka nje futhi ngikuyeka kuhambe kanjalo. Emva kwesikhashana ngânginevuso lokuthola awalawa amabili amadoda ayizingelosi. Ngangingakaze ngizwe nganoma yiyiphi . . .

76 Babejika babemhlophe emlonyeni, futhi basukume futhi bakhulume ngezilimi. Nomunye asukume ame mpo futhi athi, "ISHO KANJE INKOSI, 'UJones ngapha, wenze into *ethize*, kuthangi. Ngenkathi uhamba ujikeleza indlu wacosha lesosikhwama semali esingesalomlisa, lomlisa samlahlekela ngapha.' ISHO KANJE INKOSI, 'Sibuyisele!'"

77 "Nkulunkulu, ngihawukele, nasi."

78 Niyabo, iqiniso, isho nje okunjengalokho, itshele abantu ngqo, ngacabanga, "O, he, akumangalisi lokho na!" Ngakho, ngase ngicabanga, "Lona nguNkulunkulu!"

79 Awu, ngase ngiya kwenye yalawo amadoda, futhi ngenkathi ngisakhuluma nayo, ngakhuleka, "Nkulunkulu mangibe nalokho, noma ngabe Kuyini." Angazanga ukuthi ngangingaKubiza ngokuthini, imibono, angazanga ukuthii ngangingaKubiza ngokuthini. Futhi ngenkathi leyondoda ifika phambi kwami, futhi ngakubamba ukunaka kwayo, ngilokhu nje ngiqhubeka ngikhuluma nayo ngaze ngawubama umoya wayo, njengoba nje kwenza owesifazane nje e . . . kwenza uJesu, owesifazane emfuleni. Ngalokhu ngiqhubeka nje ngikhuluma ngaze ngawubamba umoya wayo. Futhi yayingumKristu, owangempela, owangoqobo ongcwele kaNkulunkulu. Ngacabanga, "Malibusiswe iGama leNkosi!"

80 Ngahlangana—hlangana nendoda elandelayo iza ijika ekhoneni, cishe uhhafu wehora kamuva, ngase ngikhuluma nayo. Futhi uma ngake ngakhuluma nomzenzisi, yayingomunye wabo. Umkayo wayenekhanda elimnyama, futhi yayihlala nonobuso obumhloshana onezinwele ezingemhlophe futhi inezingane ezimbili kuye; nokho ikhuluma ngoMoya ofanayo lendoda eyayikhuluma ngawo, futhi inikeza incazo efanayo, kunjalo impela nje. Ngase ngazi-ke.

81 Ngaphambi kokuphenduka kwami, ngake ngaba nesehlo ngesinye isikhathi ngiya ekhempini yabathakathikazi namaNdiya. Angabadansi bakadeveli. Athathe inyoka bese ezibopha ngayo, bese enza umdanso wommbila, futhi akhulume ngezilimi futhi akuhumushe, futhi asho lona impela iqiniso elihlezi phakathi kwabantu. Ngase ngibona umthakathikazi ethatha i—ipensela futhi alibeke phansi, futhi ngibone lelopensela lisukuma futhi libhale ngezilimi ezingaziwa, futhi

likuhumushe futhi litshele abantu ukuthi kwakwenzekani phandle khona lapho. Emhlanganweni wokukhonza imimoya yabangasekho!

82 Ngakho ngathi, niyabo, "Ngifike phakathi kodeveli," futhi ngayiyeka yonke into ihambe.

83 Ngakho ngeliny'ilanga enhla eGreen's Mill, ngangikade ngisenhla lapho ngikhuleka emgedeni wami, kungesikho okwalokho, futhi ngiyaphuma ngase ngibeka iBhayibheli lami phansi. Ngi. . .Kukhuntile emuva emgedeni futhi ngangifuna ukukhanya kwelanga, futhi kwakuntambama, futhi ngiyaphuma ngase ngibeka iBhayibheli lami phansi. Ngangizofunda kancanyana, phandle kogodo oluthe ukulala ngaphansi kwegquma. Futhi ngavele nje ngabeka iBhayibheli phansi, ngase ngiqala ukufunda. Nomoya waphephetha, futhi waLiphephetha lavuleka ngale kumaHeberu isahluko 6. Ngacabanga, "Mhlawumbe iNkosi ifuna ngifunde lokho." Ngakufunda.

84 "Thina esike sakhanyiswa, senziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, lokhu sihlubuka. . .ukuba sibuya sizivuse siphenduke. Imvula iveza i. . .umhlabathi uveza izithelo nemvula ithunyelwa ukusinisela, nameva namakhakhasi okuseduze nokwaliwa, okuphela kwawo ngukushiswa." Into enjengaleyo.

85 Awu, ngakufunda ngase ngicabanga, "Awu, mayibongwe iNkosi." Ngase ngiliphenya kwelinye, ngacabanga, "Awu, ngizofunda nje ndawondawo ngaleya phakathi lapha ndawo ndawo futhi." Ngalibeka phansi kanjalo, ngacikica amehlo ami, umoya waliphephetha labuyela kumaHeberu 6 futhi. Awu, lokho kwenzeka kathathu noma kane, kaningi njengokuthathu, empeleni. Ngacabanga, "Angiboni lutho olungalungile kulokho. Yini ephakathi lapho na?"

86 Ake ngithi nje, unga. . .Nikufunde kaningi, amaHeberu 6, "Ameva namakhakhasi. Imvula ifika kaningi phezu komhlabathi ukuwunisela, ukuwulungisa, niyabo, okwesithelo sawo. Kepha ameva namakhakhasi okuseduze nokwaliwa, okuphela kwawo ngukushiswa, ukuba abuthwe futhi ashiswe."

87 Angitholanga lutho kulokho. Ngacabanga, "Awu, ameva namakhakhasi ukuba ashiswe, uNkulunkulu uthatha uKolo waKhe awufake enqolobaneni, lokho kuqeda konke. Ngakho angiboni lutho ngalokho."

88 Ngangihlezi lapho, ngangibuka phandle kanjalo, nombono wafika phambi kwami. Futhi ngabona izwe liphenduka *kanje*, futhi lalihhaliwe lonke selilungele ukulinywa. Nendoda eyayigqoke ingubo ende emhlophe, ikhanda ligobele esakeni lokudla, noma isaka lembewu, njalo, yayihamba nje. Futhi angazi noma yimuphi wenu uyayikhumbula indlela endala yokusakaza, ukuthi kanjani u. . .Ngimbonile ubaba

ekwenza. Ayiphose ngezandla zakhe kanjalo, futhi nje zaziwela emihlabathini, lezozimbewu kanjalo. Awu, lendoda yayihlwanyela izimbewu kanjalo. Futhi kwathi nje ingahamba, nakhu kumila emva kwayo ukolo umila.

89 Awu, kwathi nje ingahamba ijike ekugobeni komhlaba, ngabona into emnyama yenyuka, njengenyanga emnyama. Ngase ngibheka, futhi yasondela kakhulu, kwakuyi—yindoda, imnyama bhuqe, igqoke ezimnyama. Yayihamba ikhokhoba, ibuka *kanje*. Futhi yayinesaka lembewu, kuphela, phakathi lapho, yayinokhula. Futhi yayiluhlwanyela phakathi kwalokolo *kanjalo*, iluphonsa kuqala ngapha nangapha. Futhi emva kwayo kumila ukhula, amakhakhasi, ameva, amajingijolo, nakho konke.

90 Awu, ngacabanga, "Lokho kungamahloni ukuba leyondoda ukuba yenze into enjengaleyo." Embonweni, ngangingacabangi ngakho kungokomBhalo, niyabo. Ngase ngithi, "Leyondoda ihlwanyela lolokhula kuleyonsimu kakolo yendoda."

91 Kwase-ke kushisa ngempela. Ukolo omncane welulamisa ikhanda lawo futhi uthi "he, he, he" kanjalo, nje ukhefuzela kanje ukuba uphefumule. Ukhula oluncane lwalulamisa ikhanda lwalo, "he, he, he," lwalukhefuzela lufuna amanzi, nalo. Wonk'umuntu wakhulekela imvula.

92 Emva kwesikhashana kwa . . . Kukhuphuka elikhulu ifu lokuduma futhi nje lana konke phansi, futhi lapho likwenzile, imvula yehlela emhlabeni. Nokolo omncane uqala ukugxuma phansi-naphezulu, umpompoloza, "Haleluya! Ayibongwe iNkosi! Haleluya! Ayibongwe iNkosi!" Nokhula oluncane lumpompoloza, "Ayibongwe iNkosi," lwaqonda ngqo, ukuphila kufika okhuleni ngokufanayo nje njengakukolo.

93 Kwase-ke kufika umBhalo, "Imvula inela abalungile nabangalungile." Ngakubamba lapho-ke. Niyabo?

94 Lokhu, uma umuntu ehlezi ebandleni, umoya ungehlela phezu kwalowomuntu, kepha nokho uyazi ukuthi basephutheni futhi abaliphili uhlobo olufanele lokuphila, qaphela ukuthi uthini ngalowomoya, kungahle kube uMoya oNgcwele. Ungahluleli u—umoya ngomuntu. Umuntu angahle abe sephutheni kodwa, manje, alisho yini iBhayibheli ukuthi, "Imvula inela abalungile nabangalungile"? Akashongo yini uJesu ukuthi, ngenkathi kulinywa amasimu, "Yekani kukhule konke kanyekanye, ukhula nokolo, kanyekanye. Ningazami ukusiphula ukhula. Ningazami ukubehlulela, bayekeni nje bakhule kanyekanye. Futhi ngalolosuku izingelosi ziyothunyelwa futhi ziyothatha lonke ukhula lukakolo futhi zilushise, noKolo uyobuthelwa enqolobaneni"? Kodwa sibazi ngezithelo zabo. Ungazi enhliziyweni yakho. Qhubeka uzama ukusebenzana nalowomuntu.

95 Ungasho ukuthi lona wesifazane, uma egqoke ngokungenasimilo noma . . . Kufundeke kanjani na? "Ake sithi uMoya oNgcwele uzovakashela . . . " Ake sibone. Qhabo, ngithole okungesiwo lapha, ngandlela thize. O, nanku, yebo.

> **Abesifazane bekhuluma ngezilimi. Manje, uma owesifazane enezinwele ezimfishane ekhuluma ngezilimi ebandleni, nguMoya** (ake sibone), **ngabe nguMoya kaMoya oNgcwele yini okhuluma ngaye noma ngabe ngumoya wamanga na?**

96 Niyabo, ngeke ngasho lutho. Futhi uma ubucabanga ukuthi owesifazane ubengafanele impela nje ngokuba nezinwele ezimfishane . . . (Ngikholwa ukuthi bekuyilolodaba) . . . ya, "izinwele ezimfishane," kungani wena, mfowethu, uma uyindoda eganiwe nalona ngowesifazane oganile, kungani—kungani ungathathi umkakho noma uthole umkakho ukuba ngobumnandi akhulume nalelinenekazi elincane na? Asikholwe ukuthi linoMoya oNgcwele. Uma likuleli bandla, ngi—ngizokholwa ukuthi linawo. Bese kuthi-ke, uthi nje, mhlawumbe liyi . . .

97 Benazi yini, kanye ngasikhathi, singahle sihlole futhi sithole ukuthi singahle sibe nento ethize encane engalungile, nathi. Niyazi, lokho—lokho—lokho kuthi akube yikho, niyazi. Ngakho omunye umuntu angahle aze asitshele into ethize. Izikhathi ezininginingi abantu ungitshele izinto ezininginingi okwakungalungile, ukuthi ngangenza okungalungile, ngiyakuthokozela.

98 Kodwa manje asithi . . . asikholwe ukuthi noma ngabe kuyini, asikholwe lokhu, uma owesifazane engesuye umKristu ncamashi, uma nje ekwembatha, uNkulunkulu uzomehlulela ngalokho. Kunjalo. Kodwa . . . Futhi uma egqoke okungenasimilo, nezinto azenzayo kungalungile, uNkulunkulu uzokunakekela lokho. Kodwa asikholwe ukuthi lowoMoya ophezu kwalowo wesifazane nguMoya oNgcwele. Niyabo, ngoba asazi.

99 Manje, uma ukuhumusha kwalowo "moya ongcwele" kunikeza enye into, isithuko kuKristu . . . "Akukho-muntu okhuluma ngoMoya ongathi kuthukwe uKristu." Uma lowo wesifazane ekhuluma ngezilimi nokuhumusha kufike ukuthi "kuthukwe uKristu," khona-ke uyazi ukuthi lowo ngumoya omubi ophezu kowesifazane. Kodwa inqobo nje uma kuyisibusiso futhi kwakha uKristu, khona-ke ukholweni lowoMoya. Niyabo? Amen. Ngiyethemba lokho akudidani. Ngiyethemba lokho kunikeza ukukhanya okuncane kukho, empeleni.

**142. UDutoronomi, isahluko 23, ivesi 2, akafundisi yini ukuthi umuntu ongaphandle komshado angesindiswe na? Uthi "uNkulunkulu uyohambela ububi babazali phezu**

**kwabantwana esizukulwaneni sesithathu nesesine." Chaza ukuthi lokhu kusho ukuthini.**

100 Kulungile. Ukuphinga kwakuyinto embi kabi ngesikhathi seBhayibheli kuze kuthi ngisho uma indoda yayibe nomntwana kowesifazane owayengesuye umkayo, lowomntwana, abantwana babantwana babantwana bakhe, izizukulwane ezine, iminyaka engamakhulu amane nento, wayengenakungena ebandleni leNkosi, ngenxa yokuthi igazi lezinkunzi nezimbuzi nezithole lalingenele ukususa isono. Lalingehlukanisa kuphela noma lalingasisibeka kuphela isono, lalingakwenzi ukuthi kuyekwe isono. Niyabo? Lalingakwenzi ukuthi kuyekwe isono, kuphela lalingasisibekela isono. Ukuphinga kuyinto embi kabi!

101 Owesifazane, oyigugu elihle kakhulu, uNkulunkulu amenze lona ukuba abe ngumama, emphathise ubumama, ukuthi uma ezala umntwana kwenye indoda ingesuye umyeni wakhe, khona-ke kwakuba khona isiqalekiso phezu kwalowomntwana, nabantwana bakhe, nabantwana bakhe, nabantwana bakhe, kuya ezizukulwaneni ezintathu nezine. Ngisho nasezikhathini eziningi njengogconsula, no—nobumpumputhe nezinto kushaya abantu. Yebo, kwakungembi kabi, into embi kabi kowesifazane ukuba abe nengane ngaphandle komshado ongcwele. Manje, kwakungesikho ngalesosikhathi kuphela, kodwa kuseyinto embi kabi, impela kuyiyo, njalo.

**143. Ngabe uHezekeli 38 nama 39 ufezeka ngaphambi koHlwitho na?**

102 Manje uma nizoqaphela, uHezekeli 38 nama 39 uphathelene noGogi noMagogi, okuyiRashiya, izwe lasenyakatho. Manje, angisho ukuthi lokhu kuyikho, kodwa ngendlela yami yokukufundisa, ukuthi, kufezeka emva koHlwitho, emva kokuba iBandla selihlwithiwe. NoNkulunkulu uphathelana noGogi noMagogi lapho beza behlela phambi kukaIsrayeli lapho. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kuyofezeka emva koHlwitho. Manje, lokho akukwenzi kube njalo, niyabo. Kodwa leyo nje yindlela yami yokukufundisa. Ngibona sengathi yilokho abebefuna ukukwazi, ukuthi ubuthini owami umbono.

**144. INkosi isitshele ngesiprofetho ukuba sifakaze kwabanye ngezinto esizizwile futhi sazibona lapha, njengokusondela kokuFika, umbhaphathizo eGameni, eGameni likaJesu, nezinto ezinjalo. Sizixoxile lezizinto kwabanye ababonakala bengamaKristu, nokho ababonakali bekholwa. Ucabanga ukuthi kuyokwenzekani kulabobantu na? Ngabe bayongena ekuHlwithweni na?**

103 Manje, ngiyajabula ukuthi nikusho ngaleyondlela, "Ucabangani na?" Lokho okungeke kwakwenza kube yikho ngoba ngiyobe ngikucabanga. Ngikholwa ukuthi akukho-muntu ongahamba ekuKhanyeni kukaNkulunkulu uNkulunkulu aze aKwembule kuye. Futhi angikholwa ukuthi noma

yimuphi umuntu o . . . Zonke lezizinto ezifihlakele zifihliwe kubantu, futhi akukho-muntu ongazibona uma uNkulunkulu engabembuleli, futhi ngiyakukholwa ngoba eBhayibhelini bekuhlala njalo kungaleyondlela.

104 Akashongo yini uJesu ukuthi "Ninamehlo kepha aniboni, ninezindlebe kepha anizwa"?

105 Kepha nokho kuMathewu, ngikholwa ukuthi kuphakathi kokuthi yisahluko se 8 noma se 12, kwasho ukuthi "Nakuba uJesu wayenze izimangaliso eziningi kakhulu phakathi kwabo, nokho kabakholwanga. Ngoba uIsaya wathi, isiprofetho sasho ukuthi 'Banamehlo kodwa babengakwazi ukubona, nezindlebe kodwa bengakwazi ukuzwa.'" Niyabo?

106 Futhi uJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engambizi kuqala, nakho konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Lokho kuyakuxazulula, niyabo.

107 Manje, u—ubophezelekile ukuba usabalalise ukuKhanya, awubophezelekile ngabo ukuba bemukele ukuKhanya. Ubophezelekile ukuba uKuyise kubo, kodwa awubophezelekile ukuthi bakuthatha kanjani. Bese kuthi-ke uma uNkulunkulu ebavumela bangene, lokho kuyoba kuYe. Uma bengazembethe izingubo, kanjalonjalo, aba . . . Kodwa ba . . . Khumbulani, ngeke baKubona uNkulunkulu aze aKwembule kubo.

**145. Mfowethu Branham, kuDanyeli isahluko 11, ivesi 31, kufundisa ngosuku . . . ukususwa komhlatshelo wemihla ngemihla, nesinengiso esenza incithakalo. Ungasiza uchaze ukuthi laba bangobani na?**

108 O, lomuntu usayine igama labo kulona. Leyo yindaba yami ngeSonto elizayo, nalokho kungena na—na-*AmaSonto Angamashumi AyisiKhombisa KaDanyeli*. Kodwa . . . Futhi ngingahle ngisho lokhu kuwe, mfowethu oyigugu kakhulu osayine lokhu lapha, ongumngane othandeka kakhulu kithi sonke. Yebo, "amanyala enza incithakalo," uJesu washo, kuMathewu 24, wakhuluma ngakho. Amanyala (kusho ukungcola) enza incithakalo, amanyala kwakuyiMoslem Mosque yase Omar eyayakhiwe ezinkundleni zethempeli lapho iNdawo eNgcwele yayimi khona.

109 Ngo 96 A.D., uTitus wangena wayesethumba iJerusalema wase eshisa ithempeli, futhi bakha iMosque yase Omar (inkolo kaMohamede) khona ezinkundleni zethempeli, futhi isami lapho kuze kube namuhla. Futhi iyoma lapho uNkulunkulu aze abuyele kumaJuda futhi. "Namanyala (leyo yiMosque yase Omar) enza incithakalo yeNdawo eNgcwele," emi eNdaweni eNgcwele, niyabo.

110 UJesu wakhomba kuyo, wathi, futhi kubakake, "(ofundayo akezwisise)." Niyabo? Ngakho-ke, Unikeza izinsuku eziningi kakhulu kusukela kulesosikhathi kuze kube . . . emva kokuba iNkosana nezinsuku eziningi kakhulu, kanjalonjalo, esingena

kukho ngeSonto elizayo. Futhi ngizozama uku, ngakho konke ukwazi kwami, ukukufakela lokho okwangeSonto elizayo. Kodwa lawomanyala yiMosque yase Omar eyathatha indawo yethempeli, ukuthi, "Nxa nibona amanyala enza incithakalo, ashiwo, ngumprofethi uDanyeli, emi eNdaweni eNgcwele." Niyabo, emi lapho ithempeli lalimi khona (iNdawo eNgcwele), iMosque yase Omar.

**146. Mfowethu Branham, awuzwa yini ukuthi wonke umuntu ozisho ukuthi ungumKristu ufanele akhokhe izishumi, bakhokhe izishumi zabo endlini yengcebo yeNkosi na? Ngiyacela nikeza umBhalo kulombuzo.**

111 Kulungile, uma nizo. . . Kunjalo, ukuthi iBhayibheli lasho kuMalaki, isahluko 4, "Umuntu angamphanga uNkulunkulu na? Futhi nithi, 'Si' wena 'Kuphange kuphi na?' Ngokweshumi nangeminikelo. Ngenisani konke okweshumi kwenu neminikelo endlini yaMi yengcebo, niNgivivinye," isho iNkosi, "uma Ngingayikunivulela amafasitela aseZulwini, nginithululele isibusiso kunokwaneleyo."

112 Leyo yinselelo kunoma yimuphi umuntu ngamunye! Futhi ukuba kuphela benginesikhathi, futhi ngingangeni kulomBhalo omncane engifisa ukungena kuwo cishe emizuzwini eyishumi elandelayo, bengingathanda ukuninikeza ubufakazi obuqondene nami bokuthi ngangilambile ngisho, nomama wami nabo belambile, nobabayi wami egula, kodwa ngathatha izishumi zami kuqala futhi ngakunika uNkulunkulu, futhi benifanele nibone ukuthi kwenzekani. Angikaze ngibone empilweni yami, ukuthi noma yimuphi owesilisa noma owesifazane, ukuthi uma kuphela wenza idola ngeviki, uzoletha uten sente waleyomali bese uwufaka endlini yakho yengcebo, noma ebandleni ovela kulo, uma uNkulunkulu engakubusisi lokho ungibize ngomzenzisi. Yebo, mnumzane. Leyo yinselelo kunoma ubani. Futhi wonke umKristu. . . Lokho kuya kulona omunye umbuzo. Wonke umKristu kufanele akhokhe izishumi! Kunjalo. Kufanele kwenziwe.

Kulungile, manje:

**147. Uma umuntu noma abantu bekhuluma ngezilimi ezingaziwa ngezwi elifanayo lephimbo njalo, into efanayo, kodwa ukuhumusha kube kwehlukile ngomhumushi njalo, kungaba nguMoya oNgcwele lowo na?**

Manje ake ngikufunde lokho futhi.

> **Uma umuntu noma abantu bekhuluma ngezilimi ezingaziwa ngezwi elifanayo lephimbo** (ngamany'amazwi, nje besho into efanayo ngezwi *elithize-thize* bephindaphinda bephinda) **njalo, nento efanayo njalo, kodwa ukuhumusha ngomhumushi kube kwehlukile njalo, kungaba nguMoya oNgcwele lona na?**

113 Manje, nanko ojiyile, kodwa ake ngithi nje ukusabalalisa ukukhanya okuncane kulona uma ngingahle ngikwazi. Futhi ngethemba ukuthi nizoqonda ukuthi nje lona nguMfowethu Branham ngizama ukwenza okwami okwedlula konke, kodwa nje ake nginikeze lokhu njengokwake kwangehlela okuqondene nami uqobo kokuphathelana nezinto zikamoya. Futhi ngiyakubonga ukwethemba kokungibuza imibuzo enjengalona. Uma ubungangethembi, ubungeke ungibuze okunjalo. Ngikholwa ukuthi umKristu ubengeke abuze imibuzo ukuba avuse impikiswano, ngikholwa ukuthi bazama ukuthola ukuthi yikuphi okuyiQiniso. Niyabo? Futhi bengingaphendula, futhi uma . . . Futhi ngizowuphendula, futhi ngizenze ngacaca "kungulwazi lwami olwedlula konke," bese kuthi-ke uma lowomoya okini uthukuthela, lokho kukhombisa ukuthi akusiwo uMoya oNgcwele phakathi lapho. Niyabo? Ngakho manje-ke uMoya oNgcwele ngeke uthukuthele, uzoqondiswa njalo neZwi, futhi ukumele ukuqondiswa.

114 Manje ake ngisho lokhu, ukuthi ngi . . . Kuloludaba, khumbulani, uNkulunkulu engumahluleli wami. Mina, lona nguWilliam Branham, ngeke ngasho. Kodwa kokwake kwehlakala engizibonele khona ngamehlo ngisephansi kogcobo lwemihlangano enjalo, ngikholwa ukuthi umuntu osho into efanayo eyiphinda njalo, izwi elifanayo lephimbo, ngempela ukhuluma ngezilimi. Ngiyakholwa, ngiyakholwa, ngoMoya bakhuluma ngezilimi, uma bengamaKristu. Bakhuluma ngezilimi, akungabazeki. Kodwa ngikholwa ukuthi ukuthatha ngesinxele okuhunyushwayo.

115 Manje, izikhathi eziningi, abantu . . . a—angi . . . Ngiyazi ukuthi ngabafo basebandleni lapha nje, ngiqagele, kulobubusuku, empeleni, cishe. Akunjalo, Mfowethu Neville, cishe nje ofikayo na? Ngakho uma izihambi zikhona futhi nehluka kulokhu, ngizama ukukhuluma ebandleni lami uqobo, niyabo.

116 Manje, njengoyihlo eVangelini, njengowenu—njengomelusi wenu, ngingathanda kamuvanyana, uma imimoya yenu neziphiwo isiqala ukufinyelela ekupheleni . . . Uma nihamba niyoyibhekisisa indiza ingalawuleki futhi ithola . . . khona-ke nje nifanele nimbhekisise—mbhekisise lowomuntu, kuyekeni kanjalo nje ngoba akusiwo uMoya kaNkulunkulu okubo. Kodwa uma bemnandi bemnene futhi bezithobile futhi belungele, nakho konke, lowo nguMoya kaNkulunkulu. Futhi uma—uma omunye umuntu ephuma enqubweni nomelusi ufanele akubize akwehlise, nalowomoya undize uye phezulu, khona-ke akusiwo uMoya kaNkulunkulu. UMoya kaNkulunkulu njalo uyama, uza eZwini. Niyabo? Uqonda iZwi ngaso sonke isikhathi.

117 Manje, kodwa manje angizami khona uku—uku—ukududa noma ukuthuntutha, ngizama kuphela ukwenza iqiniso. Manje, omunye ekhuluma ngezilimi, nomunye asukume ukuba

ahumushe izilimi. Manje lalelisisani. (Futhi ngicabanga ukuthi lokhu kuyateyishwa. Akunjalo na?) Ekuhunyushweni kwezilimi . . . Manje, ngizodingeka ukuba ngishone phansi kwenye imfundiso manje ngalokhu. Ekuhunyushweni kwezilimi, abantu abaningi bahumusha izilimi ngokuzwakalisa ngosekweqile kokuba bezwe ukuthi basho into enjalo. Lokho akusikho ukuhumusha.

118 Ukuhumusha kungenkathi bekhuluma ngolimi olungaziwa, wena ubezwa ngesiNgisi, futhi nje bephindaphinda abakushoyo. Kodwa i . . . uma lomuntu ekhuluma ebandleni lakho . . . Angicabangi ukuthi sinakho kuleli. Uma likwenza, angikaze ngikuzwe.

119 Kodwa omunye esukuma nje esho njengezwi elithize, ephindaphinda, noma elinye izwi lephimbo ligijima lehla njalo, lehla njalo, lehla njalo, lehla njalo . . .

120 Ngiyakutshela, angikholwa ukuth uJunie Jackson ukhona kulobubusuku. Ukhona na? Angicabangi ukuthi ukhona. Kodwa bengihlala njalo ngimangala ngoJunior Jackson nokukhuluma kwakhe ngezilimi, noMfowethu Higginbotham, nabaningi benu bantu lapha, ukuthi nikubona kanjani lokho kushintsha kwephimbo ekuhumusheni. Niyabo? Manje—manje lokho kulungile. Manje, angi . . . Angiqhoshisi lona ibandla lami. Qhabo, mnumzane. Uma ibandla lami belindinga ukuqondiswa, ngi—ngizoma lapha futhi ngenze okwami okwedlula konke ngenzele uMsindisi wami, kunjalo, noma ngabe kuyalimaza kumbe noma ngabe akulimazi. Ngi—nginguyihlo eVangelini, niyabo, futhi ngifuna . . . Aniwufuni umoya ongalungile, nifuna umoya olungile. Ni—ani . . .

121 Kungani nithatha—nithatha isibambiso zibe zonke izibhakabhaka zepentecostal zigcwele into yangempela na? Kungani nidla emgqonyeni kadoti kube kukhona elihle, elikhulu, itafula elihlanzekile elidekwe lapha elinenkukhu namadombolo nakho konke na? Niyabo? Asikwenzi ngani lokho na? Niyabo? Asithole okwangempela, yilokho esikufunayo, owangempela, okwangoqobo.

122 Manje, ngikholwa ukuthi, kulesisitatimede esenziwe lapha, into efanayo iphindwa, ngiyakholelwa kulesositatimende ukuthi zombili ziqinisile, kodwa angikholwa ukuthi umhumushi uhumusha ulwimi lomuntu. Angikukholwa lokho. Ngikholwa ukuthi uMoya ukhona nomhumushi uyaprofetha. Ngikholwa ukuthi ungoprofethayo esikhundleni somhumushi uma engalizwa iphimbo ngolwakhe uqobo ilang- . . . "Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi esazalwa nalo na?" Niyabo, nifanele nizwe ngokufanayo, nifanele niluzwe ngesiNgisi. Uma . . .

123 Lapha, nangu *umhumushi*. Manje, ngiyasukuma, futhi nga—ngazi amagama amabili noma amathathu kuphela ngo—ngo—

ngolwimi olwehlukile, engilwaziyo. Manje nje ngithatha lokhu ngokwangempela, akusikho okomoya manje. Manje ngizothi, "Baie, baie bly. Ngi . . . Ekke will Afrikaans sprekken." Manje, ngiyangabaza ukuthi ukhona umuntu lapha owaziyo ukuthi ngitheni. Ya, mfowethu, bengithini na? [Umfowethu ebandleni uthi, "Uthe uyakwazi ukukhuluma isiBhunu"—Umhl.] IsiBhunu, "Baie, baie bly," "Ngiyajabula kakhulu, kakhulu." "Ngilapha ukuba ngikhulume isiBhunu," niyabo, "Afrikaans sprekken." Niyabo? "Ngilapha ukuba ngikhulume isiBhunu."

124 Manje, wenzeni na? U . . . Bengikhuluma isiBhunu kodwa ungizwe ngesiNgisi. Kunjalo na? Ngoba wena uyasazi isiBhunu. Manje, uma ukhuluma . . . uma ngimi lapha noma ngisho . . . ngishumayela, noMfowethu Neville ehumushela kolunye ulwimi lwabantu, usho ngolwimi lwabo lokho angizwa ngikusho; uyazi ukuthi ngikhuluma ngani ngoba uyalwazi ulwimi lwami.

125 Futhi uma ubukhuluma ngolimi olungaziwa, futhi uhumusha, uzwa ngolwimi owazalwa nalo, ngoba yileyondlela kuphela ongahumusha ngayo lokho abakushoyo, ngoba uMoya oNgcwele ukuhumushele lona futhi wena nje ukhulumela uMoya oNgcwele.

126 Kodwa-ke uma uMoya ukhona ukubusisa lomuntu ompofu, futhi bamile . . . Njengomfowethu omdala oyigugu, sewashona, useNkazimulweni kulobubusuku, ngikholwa ngempela. Umphefumulo omdala othandeka kakhulu engiwaziyo . . . Omdala uMfowethu Ryan, sonke sasimazi. Wayevamise ukuma lapho emgwaqeni . . . (Futhi uNkulunkulu, angithethelele, ngingabi ngothuka okungcwele . . . Ngiyazi ukuthi ku . . . Ukuthuka uMoya oNgcwele kungokungenakuthethelelwa.) Kodwa uMfowethu Ryan wayevamise ukusho izwi elilodwa aliphindaphinde ngaso sonke isikhathi, into emayelana nokuthi "seekem and seekem and seekem," noma into efana naleyo. Wayevamise ukuba ne . . . Ngani, omunye wathi, "Ucabanga ukuthi lokho ngokukaNkulunkulu na?"

127 Ngathi, "Impela, ngokukaNkulunkulu! Impela, ngikholwa ukuthi ngokukaNkulunkulu." Kodwa wayekhuluma ngezilimi, kodwa ngangingeke ngakusho ayekusho ngoba angazi. Kodwa, nobukhona bukaMoya babukhona.

128 Ngakho uma ubukhona bukaMoya bukhona, nalomuntu usho izwi elilodwa nje, eliphindaphinda eliphinda, nalona omunye agxume aye phezulu futhi azame ukunikeza incazo, nokho engazi ukuthi uthini. Uma lomuntu enganikezi incazo, uyaprofetha; umoya wesiprofetho uphezu kwakhe futhi uyaprofetha, akanikezi yona incazo.

129 Ngakho ngakho-ke, mKristu othandekayo, kuwena othe, "Lokho kungaba nguMoya oNgcwele na?" Kungaba nguMoya oNgcwele usebenzisa izikhundla ezimbili. Esisodwa, sibusisa umphefumulo ngokukhuluma ngezilimi; nesinye, eprofetha,

angadingeki ukuthi ahumushe lokho akushoyo. Kodwa nokho ukushilo. UMoya oNgcwele ufika phezu kwakhe ngesiprofetho ngesikhathi esifanayo nje lona omunye obekhuluma ngaso ngezilimi, futhi wacabanga ukuthi kwakungukuhumusha, mehluko muni okuwenzayo na? NguMoya kaNkulunkulu unikeza umlayezo ebandleni. Kodwa *ukuhumusha*, kufanele kuqondakale ngesiNgisi futhi kuphendule ngokuthi kuphinde khona impela umuntu akushilo, leso yisiphiwo sokuhumusha.

**148. Uma kukhona—uma sekuvele kukhona imilayezo emithathu ephumile ngezilimi ezingaziwa emhlanganweni owodwa, khona-ke emgqeni womkhuleko ingaba khona yini eminye futhi imilayezo ephumayo futhi kube kusalokhu kusesenqubweni yokomoya yomhlangano na?**

130 Ngani, impela. Kunjalo. Impela. Ngiyazi ukuthi uqondephi. Kukhona uPawulu, owathi, "Uma bekukhona . . . Uyaprofetha futhi ukhulume ngezilimi," into enjengaleyo, uPawulu ekhuluma nge . . .

131 Kamuvanyana, uma nonke seni . . . Mfowethu Neville, uma nonke nifuna manje, lababantu onaleziziphiwo zikamoya . . . Manje, uma nizokwethemba ukuqonda kwami umBhalo, ngizokwehla ngiye emhlanganweni nani nje bantu nodwa onaleziziphiwo, nani nonke nje, ukuze sihlale ndawonye . . . Futhi uma nizwa . . . Futhi nibhekisise, uMfowethu Neville, futhi nibone ebandleni, ukuthi nguNkulunkulu noNkulunkulu ehamba phakathi kwabo, yilokho esikufunayo, kodwa sifuna ukukubeka ngokuhlelekile lokho ukuze kuye esibusisweni ebandleni futhi kwenze okuthize. Nginakho, ngiyazi, futhi ngiyayazi imiBhalo, ukuthi kufanele kwenziweni. Futhi yilokho esifuna ukukwenza.

132 Manje, lomuntu lapha, ngiyazi ekukhulumeni ngezilimi, kufanele kube, kwenze ngendlela, ombili, noma kungabi ngaphezu kwezintathu. Kunjalo, kodwa uma nizoqaphela lapha, uma kwaku . . .

133 Njengomunye nje esinika phezulu—phezulu lapho . . . NjengoMfowethu Sothmann wasukuma futhi unikeza umlayezo ngesiprofetho noma ekhuluma ngezilimi. Ukuhunyushwa kwezilimi kuyisiprofetho, niyabo, umoya wesiprofetho. Manje, uma nje ukhuluma ngezilimi ezingaziwa, kungabikho-mhumushi, lowomuntu ubusiswa nguMoya, kodwa akalilimazi ibandla.

134 Manje, uPawulu ayezama ukufinyelela kukho yilokhu, "Usebenzisa yonke inkonzo ngokukhuluma ngezilimi nje, niyabo, nongafundile wathi, 'Ku—kumayelana nani lokhu, empeleni?'" Niyabo, abakutholi kodwa akube nomhumushi. Futhi akube . . . nowodwa, emibili, eminingi ngangemilayezo emithathu emhlanganweni.

135 Manje, umuntu lapha uthi, "Manje-ke emgqeni womkhuleko ke?" Lokho kufanele ukuthi mhlawumbe ngabe omunye emgqeni womkhuleko...Mhlawumbe, uMfowethu Neville, noma kwelinye ibandla kumbe noma okwakuphi, ukuthi emgqeni womkhuleko lendoda...noma emhlanganweni wokuphilisa ngokukaNkulunkulu, ngahle ukuba bekusemhlanganweni kaMfowethu Roberts, umhlangano kaMfowethu Allen, noma omunye, emhlanganweni wami noma omunye umuntu, angazi. Kodwa, noma ngabe kuyini, uPawulu akhuluma ngakho ngumlayezo oya ebandleni phandle lapho, "Lowo awube-mthathu nje," ngoba umlayezo kaNkulunkulu ukhuluma umlayezo uzanywa ukuyiswa ebandleni. Kodwa uma indoda emgqeni womkhuleko, iprofetha kumuntu ngamunye, hhayi bonke. Uma lokho kunjalo, ngingakugwema kanjani sonke isikhathi emigqeni yami yemikhuleko, niyabo, lapho bengamashumi amathathu noma amane ubusuku na? Niyabo, uma uprofetha kumuntu ngamunye.

136 Kodwa lomuntu eprofetha emzimbeni wonke, leyo makube yimilayezo emibili noma emithathu bese-ke eyawumisa. Nakuba uMoya oNgcwele ubungahle usalokhu ufuna ukukhuluma, kodwa linda umzuzu, nikeza iZwi ithuba ukuba liphume. Niyabo? Bese kuthi-ke, ngempela, lokho ukukhuluma bekufanele kube phakathi kokuthi kungaphambili noma ngemuva kweZwi, akukho lutho olufanele luphazamise iZwi emva kokuba Liphuma. Kodwa, nokho, siyakuthola lokho ngokuhlelekile kamuva uma imimoya neziphiwo kuqala ukungena ekupheleleni.

137 Sikhuluma manje ngo—ngokuqinisa kweBandla lepentecostal, ngiqonde iBandla lepentekoste langempela. Futhi siyajabula ukuthi uNkulunkulu usaphila futhi uyabusa futhi ukhuluma kithi.

138 Manje, kodwa uma kunjengokuthi, isibonelo nje, uma udade lapha engasinika umlayezo ngezilimi noma isiprofetho, nenenekazi eduze kwakhe linikeze umlayezo ngezilimi noma isiprofetho, bese kuthi-ke inenekazi eduze kwalo noma omunye umuntu emuva lapho, omunye ezonikeza umlayezo noma isiprofetho, noma izilimi. Akungabazeki ukuthi okuyikho ngukuthi cishe bonke bakhuluma ngento efanayo, uma uNkulunkulu ephuthuma, ezama ukuwelisa into ethize, ebiza umuntu ngamunye ebandleni ukuba enze into ethize, manje, noma yinto ethize Afuna yenziwe.

139 Manje bese-ke, isibonelo nje, kubizwa umugqa womkhuleko, noMfowethu Neville noma mina uqobo lwami kumbe noma yimuphi omunye umfundisi ehlele kulomuntu ngamunye, lokho akusikho emzimbeni, lokhu kukumuntu ngamunye. NoMoya kaNkulunkulu ufike phezu kwakhe ukuba atshele lomuntu ngamunye okuthize, bese eyamtshela, ngoba akakhulumi kulo

ibandla. Ukhuluma kulomuntu ngamunye, hhayi ebandleni, ngakho lokho kulungile.

**149. Kulungile, Mfowethu Branham oThandekayo, izikhathi ngezikhathi iNkosi ingibonisa izinto emaphusheni. Ingibonise izinto ngendodana yami esemkhunjini yempi, indodana yami engitshele ukuthi zaziyi "zimfihlo". Ingibonise ngokufa kwabantu nangezimfihlo zezinhliziyo zabantu. Ngabe lesi yisiphiwo esivela kuNkulunkulu na? Uma Ingibonisa emaphusheni izinhliziyo nemiqondo yabantu, yonke into njalo iphenduke yaba njengoba ngiboniswa yiphupho.**

140 Ngani, yebo, mfowethu noma dadewethu, noma kungahle kube ngubani. INkosi ikubusise. Leso, ngombono wami, yisiphiwo sikaNkulunkulu. Yisiphiwo sikaNkulunkulu. Awazi yini ukuthi iBhayibheli likhuluma ngamaphupho na? UJosefa, ukuthi wayewaphupha kanjani amaphupho futhi awahumushe, nokuthi abanye babewaphupha kanjani amaphupho. Lezozinto ngezikaNkulunkulu. Manje, uma kungokukaNkulunkulu, kuyohlala njalo kuneqiniso, kuyohlala njalo kwenzeka ngayo impela nje indlela Ayishoyo.

141 Futhi manje unga . . . Uma uqala ukubukisa ngakho, kuzokushiya nje. Niyabo, thoba nje futhi uhloniphe futhi ubemnandi. Futhi uma Ekubonisa noma yini, futhi kube into ofanele uyitshele umuntu, ukuthi benze into engalungile, khona-ke ungami nje mpo bese uyamsola lowomuntu, yana kubo wena uqobo bese uthi, "Dade, mfowethu, uyazi, iNkosi yangitshela ngobunye ubusuku ukuthi—ukuthi wawenza into engalungile, into *ethize*."

142 Uma lowomuntu ethi, "Unephutha! Amanga lawo! Angikwenzanga lokho!"

143 Manje, into okufanele yenziwe-ke ngukubuyela emuva bese uthi, "Baba waseZulwini, bekuyiphutha lokho na?"

144 Manje, uma lowomuntu . . . Manje-ke uma lowomuntu wayekutshela iqiniso, khona-ke wena unomoya ongalungile. Kodwa uma lowomuntu wayeqamba amanga, futhi wakwenza, uNkulunkulu uzobhekana nalowomuntu. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ngoba, niyabo, akwenzile lapho, uthuke uMoya oNgcwele, ephika lokho uMoya oNgcwele akubize ukuba akunake. Niyabo? Ngakho kuyinto engalungile.

**150. Mfowethu Branham, lingasina kanjani i—ibandla, limemeze, likhulume ngezilimi, futhi lidedele uMoya** . . . (ake sibone, manje ake nilinde umzuzu) . . . **bese lilahleka eMoyeni, njalo kube yivela kancane impela noma ngasiphi isikhathi ukuba kufundwe umBhalo. Angikuqondi.**

145 Kanjalo nami; niyabo, "ukumemeza, ukusina, ukukhuluma ngezilimi, futhi kungafundwa ngisho nomBhalo." Yimina—yimina—yimina engisho lokhu, khumbulani, uWilliam Branham,

okungaba yiphutha ngamamayela ayisigidi. Ngikholwa ukuthi iningi labantu...Ngibuzwe lowombuzo namhlanje ngomfowethu, into ethi ayibe njalo. Ukuthi, uma beyokhulekela abagulayo, umfowethu mhlawumbe uyokhulekela oyedwa, bese ebaculisa bonke noma basine eMoyeni, ecabanga ukuthi lokho kuletha amandla phakathi kwabantu. Qhabo, mina—mina ngesingami, ngikholwa ukuthi yiphutha lelo.

146 Ngikholwa ukuthi umuntu oza emhlanganweni wokuphiliswa uyoba njengokuzela insindiso, eze ngenhlonipho, ekholwa. Wonke umuntu phakathi lapho, engamemezi futhi asine, kodwa bebona umfowabo noma udade enyukela lapho ukucela isihawu kuNkulunkulu, ukhothamise ikhanda lakho bese uqala ukukhuleka, "Nkulunkulu, siza umfowethu manje njengoba umelusi emkhulekela, emgcoba. UMoya oNgcwele mawuze phezu kwakhe futhi umnike ukukholwa ukuba akholelwe ukuphiliswa kwakhe. Ungumfowethu oyigugu. Ungudade oyigugu." Nimkhulekele esikhundleni sokucula nje, nimemeza futhi nisina.

147 Kodwa sibona okuningi kakhulu kwalokho emihlanganweni yethu yePentecostal, kungokwanjalonjalo...Ngikholwa ukuthi kungukukhonza, ngikholwa ngeqiniso ukuthi bakhonza uNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Ngikukholwa ngenhliziyo yami yonke. Futhi ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, ukumemeza nokusina. Futhi ngikukholwa konke nokunci, yebo. Ngikholwa ukuthi noma yini abayenza eBhayibhelini ifana nje nse namhlanje njengoba yayinjalo ngaleyonkathi, impela, kodwa ngikholwa ukuthi inesikhathi sayo nohlelo lwayo.

148 Manje, isibusiso esikhulu sikhona, nabantu bayamemeza, nenkazimulo yeNkosi iyehla, nabantu bafuna ukumemeza kakhulu futhi bamemeze futhi benze noma yini uMoya obatshela khona. Qhubekani, kulungile. Kodwa uma umuntu ezela ukuzophiliswa, lapho khona umbuzo phakathi kokufa nokuphila kubandakanyeka khona, ngikholwa ukuthi sifanele sihloniphe futhi sikhulume kuBaba futhi sikhulume kuYe ngenxa yalomfowethu. Esikhundleni sokuMkhonza, asiMcele, "Baba, ngi—ngingumkhonzi waKho. NgiyaKuthanda, Uyazi ngiyakuthanda, ngizwakalisa uthando lwami kuWe. Manje ngizwakalisa ukukholwa kwami kuWe, siza umfowethu ukuba asinde. Uzokwenza, Baba na?" Ngikholwa ukuthi uyothola imiphumela engcono ngokwenza lokho. Ngikholwa ngempela. Ngokuhlonipha, uMoya kaNkulunkulu.

149 He, lena ingaba-mide ngamamayela ayikhulu kodwa ngiyethemba ngiyiphendulile, ngasabalalisa ukuKhanya okuncanyana nje. Ngithi nje ukwazi ukuthi yini esemiqondweni yenu manje, empeleni. Futhi ngizonitshela ukuthi yini, kamuvanyana ngifuna ukucela umelusi lapha uma ezoza futhi angisize uku...mhlawumbe eze ehle futhi aqoqele bonke abantu ndawonye onoMoya kaNkulunkulu phezu kwabo esimweni

seziphiwo, ake sixoxe ngakho isikhashana. Mhlawumbe nginganisiza ukuba nikhwele eladini nithi nje ukuphakama kancanyane futhi nisondele kakhudlwana kuNkulunkulu ngakho, futhi kubekwe ngokuhlelekile kakhulu ebandleni. Bengilokhu ngibhekisisa, kubukeka kuyisimangaliso kimi. Futhi ngiyathanda nje ukukubona kuqhubekela phambili naphambili naphambili, naphambili naphambili na phambili.

150 Futhi njengoba sikhuphuka, ungamvumeli uSathane angene ngesinyelela, manje. Mfana, ukhaliphile. Ahm. Ungamvumeli akuphambe ngobuqili, ungazami, ngoba ungeke. Thembela kuNkulunkulu nje futhi ulokhu uqhubeka nje nokuhamba ngokuzithoba, noNkulunkulu uzokwenza, futhi uzothola ukuthi uNkulunkulu uyokusebenzisa kakhulu nakakhulu nakakhulu kanjalo. INkosi inibusise.

151 Ngabe sinaso isikhathi semizuzu engamashumi amabili yokukhuluma na? [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiyabonga. Ngiqagele bekwenele ukungiqalisa, Ben. Kulungile.

152 Asiphenye emaHubweni umzuzwana nje. INkosi ibonakale inginika umcabango omncane lapha engithanda ukuwuzwakalisa kini nonke kulobubusuku ngendlela yentshumayelo nje, uma nithanda, imizuzu embalwa nje—nje. Ngiyazi kuyashisa, futhi kuyashisa phezulu lapha, futhi. Kodwa, khumbulani, ngeke sisaphinde sibonane, mhlawumbe, kuze kube ngoLwesithathu ebusuku. Ngakho asilinde nje futhi—futhi ngaphambi kokuba sicule iculo elimnandi elidala elithi *Libusisiwe IGoda EliBophayo*, asi—asikhulume nge—ngeZwi elilotshiwe. Lemibuzo ethi ukusenza . . . isishiya sikholisekile. Asi—asiphume kukho manje, futhi—futhi sikhulume ngeZwi.

Manje singawakhothamisa amakhanda ethu futhi umzuzwana nje.

153 Baba waseZulwini, lemibuzo, ngizamile ukuthola ukuthi abantu banani ezinhliziyweni zabo, sibone ukuthi bayobuza yini nga*lokhu,* nga*lokho*. Ngiyabona, Nkosi, bafisa iziphiwo zokomoya. Nalabo abaneziphiwo zokomoya bayamangala ukuthi siphathwa kanjani. Kwabanye, kuphosa ukuKhanya okukhulu ebandleni; kwabanye bayamangala. Manje, Nkosi, sisize. Sisize, Nkosi. Singabantwana bakho. Asenzi lezizinto ukuba sizibonge thina, senza lokhu ukuba sibonge uNkulunkulu ngesiphiwo uNkulunkulu asiphe sona.

154 Siyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa leziziphiwo futhi uzibonakalise ebandleni. Futhi kwangathi kungafezeka ukuthi izihambi nabafokazi, abezayo, abathi gqi kulowomnyango bese behlala phansi imizuzu embalwa, futhi kwangathi uMoya kaNkulunkulu ungaba-mkhulu kakhulu phakathi lapha uze wazi imfihlo yenhliziyo yonke engena emnyango. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi ingaba nobumnandi obunjalo nentobeko,

ingabi nayo neze indluzula nokuthetha nokubhidliza. Siyazi uMoya kaNkulunkulu awunjalo.

155 Ngakho sikhulekela ukuthi Uzosibusisa ezintweni zonke. Busisa ibandla lakithi, busisa abantu bakithi. Busisa abantu bamanye amabandla. Futhi, Baba, siyazi ukuthi kukhona iBandla elilodwa kuphela futhi sonke sizalelwa kuLelo.

156 Manje ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoqhubeka usibusisa njengoba ngifunda lendikimba encane Obonakale unginika yona, ngihlezi lapho ngasedeskini ngalentambama. Futhi ngisize, Nkosi, ukuba ngingabahlalisi abantu isikhathi eside kakhulu, kodwa nje ukuba ngikhulume izimvo ezimbalwa lapha. Ngikhulekela ukuthi Wena uzoba kukho. Futhi usiphe umcabango omncane, ukuba sikwazi ukuya ekhaya nawo futhi sibonge iNkosi ngokulunga kwaYo. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

157 Manje, ningakhohlwa, ngeSonto elizayo ekuseni, iNkosi ithanda.

158 Manje phenyani emaHubweni 106, nevesi 7. Bengizofunda ngehle njalo, uphisi . . . ingxenye yeHubo. Kodwa, nguDavide. Kungani kufika kimi, bekungenxa yomlayezo wanamuhla ekuseni. Futhi, ngizobeka iwashi lami lapha futhi ngizame ukuphuma ligamenxe elesishiyagalolunye, uma konke kungenzeka. Manje evesini 7 lamaHubo 106.

> *Obaba bethu abaqondanga izibonakaliso zakho eGibhithe; abakhumbulanga ubuningi bezenzo zakho zomusa; kodwa bamhlubuka ngaselwandle, ngisho . . . ulwandle oluBomvu.*

159 Ngizofunda ivesi elilandelayo.

> *Nokho wabasindisa ngenxa yegama lakhe, ukuze awazise amandla akhe amakhulu.*

INkosi ayenezele izibusiso zaYo.

160 Ngizokhuluma kini, uma iNkosi ithanda, ngendaba ethi *ukungaqondi kahle*; uNkulunkulu, engaqondwa kahle. Ngizokuthatha kanjalo: *UNkulunkulu EngaQondwa Kahle*.

161 Niyazi, ukungaqondi kahle kusifaka kwinqwaba yenkathazo. Izikhathi eziningi abantu basho izinto abaziphindaphindayo emva komuny'umuntu, lapho, bebengaziqondi kahle khona. Lokho kufaka umuntu enkathazweni. Ngikholwa ukuthi kungaba kuhle kithi uma nje, awu, silinda size siqonde ukuthi besikhuluma ngani. Anicabangi kanjalo na? Ngiyazi ukuthi bekungaba njalo, kimi, kube kuhle kakhulu kimi ukuthola kuqala bese ngikusho-ke. Niyabo? Kodwa sihlala njalo, sibonakala sinjalo, singaqondanga kahle. Futhi lapha uDavide ukhuluma ngoIsrayeli, akaziqondanga kahle izimangaliso zaKhe ngenkathi bese Gibhithe.

162 Manje, ukungaqondi kahle akusikho nje ukuthi, "Awu, angizwanga ukuthi utheni," kodwa ukubona into ethize yenziwa futhi ingaqondakali kahle ukuthi *ingeyani*. Lokho yi . . . Lokho ngukuthi, ngukugeja kwakho isikebhe, ngokuphelele konke-ke.

163 Manje, uNkulunkulu akenzi nje izimangaliso ukuthi, "Niyabo, NginguNkulunkulu." UNkulunkulu wenza isimangaliso ukuba kube nokuqonda. Niyabo? UNkulunkulu usenzela inhloso. Futhi nikuqaphelile yini ukufundwa kwamaHubo lapha evesini 7 na? Ngicabanga ukuthi kuhle kabi, ngifuna ukuphinda ngikufunde futhi.

> *Obaba bethu abaqondanga izibonakaliso zakho eGibhithe;* (niyabo, abasiqondanga) . . . *abakhumbulanga ubuningi bezenzo zakho zomusa; kodwa bamhlubuka ngaselwandle, ngisho . . . ulwandle oluBomvu.*
>
> *Nokho wabasindisa ngenxa yegama lakhe, ukuze awazise amandla akhe amakhulu.*

164 Niyabo, abaqondanga ukuthi kungani uNkulunkulu, ezansi eGibhithe, enza lezizimangaliso. Wayezama ukubabonisa izenzo zomusa waKhe. Wayezama ukubenza baqonde ukuthi wenguNkulunkulu phakathi kwabo. Ngiyakuthanda lokho.

165 Entshumayelweni yami encane engayishumayela lapha esikhathi esithize esedlule, enhla Chicago, kwasekuthi-ke ngikholwa ukuthi ngayishumayela lapha, abafana unayo eteyipini, *NjengoKhozi Olunyakazisa Isidleke Salo,* lubhakuzisa phezu kwezinyane lwalo. Ukuthi umama wokhozi omdala uzithatha kanjani izingane zakhe ezincane . . . Ngaphambi kokuba azindizise, zinezininingi izimpaphe ezingaqinile kuzo. Futhi azikaze zimbone ngempela ekulokhu okwedlula konke ngoba zonke zihlala voshosho esidlekeni. Kodwa usukuma ame phezu kwesidleke bese endlala amaphiko akhe amakhulu anamandla. Wenzani na? Ukhala kakhulu, ufuna zilazi iphimbo lakhe. Welula amaphiko akhe amakhulu.

166 Ukhozi lwesifazane ngezinye izikhathi yilona olukhulukazi. Zithiwa ngesinye isikhathi izinkozi, eziningi zesifazane, zinamaphiko angamafidi ayishumi nane ukusuka echophweni kuya echophweni, zicosha inkonyane zindize nayo. Amafidi ayishumi nane, ukusuka echophweni kuya echophweni; amaphiko, ngangokunqamula kulomsamo khona lapha, ukusuka ensikeni kuya ensikeni.

167 Lukhuphukela lapho phambi kwalomfo omncane, ngoba ngani na? Uzomthatha amndizise. Akakaze aphume kuleso sidleke. Futhi uzomthatha amenyusele le emazulwini bese eyamthintitha, futhi amdedele phezulu lapho ukuba azibhakuzele, ukuba afunde ukuthi kundizwa kanjani. Ngakho ufuna ukubonisa igunya analo. Wendlala amaphiko akhe amakhulu ekunkonkomalisweni kwezimpiko, bese ekhala

kakhulu, bese-ke ewashayisa ngomoya. O, he! Izimpiko ziphuma ziqhashe esidlekeni, nakho konke okunye, uphosa umoya ovunguzayo phakathi lapho sengathi uphuma ebhanoyini eyijeti. Amshaye agenquke, futhi alale aqethuke ngomhlane wakhe omncane, bese ebheka phezulu bese ecabanga, "Mama, umkhulu kangaka! Umkhulu kangaka!"

168 "Uyabona ukuthi amaphiko ami aqine kangakanani na? Ngingakucosha bese ngiyakuthwala ngikuyise noma yikuphi lapho engifuna ukuya khona. Nginamandla!"

169 Futhi yilokho uNkulunkulu ayekwenza kuIsrayeli. Niyazi, Wathi, "Njengokhozi olunyakazisa isidleke salo," leyo yinto efanayo. Wafumana uIsrayeli esezweni lokuklewula ezansi lapho, futhi Wamkhuphula wamkhipha eGibhithe wayeseyomngenisa ezweni lesithembiso, emaphikweni okhozi. Niyabo? Futhi uNkulunkulu wayenzani ngalezizimangaliso na? Wayezama ukufinyelela kubantu baKhe ukuthi WayenguJehova onamandla.

170 Futhi yilokho Azama ukukwenza namhlanje! Akaphilisi nje abantu ngoba nje Engaphilisa. Uzama ukufinyelela kuwe ukuthi UngukuVuka, ukuthi Angakwenza uphile, Angawuvusa umzimba wakho. Angenza noma yini Afuna ukuyenza, UnguJehova! Ngiyakuthanda lokho.

171 Kodwa abantu abaMqondanga kahle. UNkulunkulu kubalula kabi ukuba angaqondwa kahle ngabangakholwayo, yilabo abangafuni ukuqonda. (Abantu abaningi bazama ukuqonda.) Abaningi abafuni ukuqonda, bavele nje bazivalele, bese bethi, "Ayikho into enjalo," futhi "Angiyikholwa into enjalo." Khona-ke soze baqonda.

172 Kodwa umuntu ovumayo ukuqonda, ovumayo ukuhlala phansi ("Futhi wozani sithethe indaba," isho iNkosi) manje, lowomuntu use—usemgqeni wokufunda okuthize okuvela eNkosini. Kodwa abantu njalo abazihlanganisa noNkulunkulu namandla kaNkulunkulu . . . Kungaba nzima ukuthi uzihlanganise noNkulunkulu ngaphandle kokuzihlanganisa namandla aKhe, ngoba uma uzihlanganisa naYe wejwayelana naYe, noma isihlobo kuYe, bese-ke uba namandla aKhe phakathi kuwe.

173 Yingalesosizathu abantu bengenakukholelwa ezimangalisweni namhlanje, ngoba abanalutho phakathi kubo abazokholwa ngalo. Bafanele babenento ethize phakathi lapho abazokholwa ngayo. Futhi uma uMoya kaNkulunkulu ukumuntu, uyothi "amen" kulo lonke iZwi likaNkulunkulu nazo zonke izimangaliso zikaNkulunkulu. Kodwa njengoba umama wami wayevamise ukuthi, "Ngeke walithola igazi kuteniphu, ngoba akukho-gazi kuwo." Ngakho leyo yindlela efanayo, ungeke wathola ukukholwa kongakholwa, ngoba akukho lutho lapho lokuba ukholwe ngalo.

174 Umuntu wathi, "Angikholelwa ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, akunandaba ukuthi ungathini." Impela, akusikho okwakhe, kukulabo kuphela abangakholwa. Uma uzothola igazi, lithole liphuma entweni ethize enegazi kuyo. Uma uzothola ukukholwa, kuthole entweni enokukholwa kuyo.

175 Futhi yileyondlela, uNkulunkulu usebenzisa into ethize enokukholwa kuyo. Akakuthumeli phandle lapha emkhankasweni wokuphilisa uma ungenakho ukukholwa okwenele kokukukholwa. Uzokuthumela kanjani emvuselelweni esebenza izimangaliso uma ungenakho ukukholwa okwenele kokukukholwa na? Ufuna into ethize enokuthize phakathi lapho Angaveza okuthize ngayo. Ngakho abantu abaqondanga kahle.

176 UNowa wayengaqondwa kahle kakhulu impela ngosuku lwakhe. UNowa, ejwayelene noNkulunkulu, inceku kaNkulunkulu, ikholwa kuNkulunkulu. Futhi uma uba yikholwa kuNkulunkulu wenza izinto eziphambene kakhulu nalokho abantu abacabanga ukuthi kulungile baze bacabange ukuthi uyahlanya. NoNowa, exwayiswe nguNkulunkulu, wakha umkhumbi wokusindisa indlu yakhe. Nabantu babecabanga ukuthi wayehlanya. Wayengahlanyi, ukuthi nje wayengaqondwa kahle ngoba wayelandela indlela yokulayelwa nguNkulunkulu. Amen! Ngiyakuthanda lokho. Wayengaqondwa kahle.

177 "Ubengakwenza kanjani umuntu, nakuba . . ." Wena uthi, "Ayikho neze imvula evela esibhakabhakeni. Yini imvula na?" Babengakaze babe nemvula, uNkulunkulu wayewunisela ngenkasa umhlabathi. "Nowa, ikuphi leyomvula na?"

"Angazi."

"Ngikhombise ukuthi ikuphi!" "Angikwazi ukukukhombisa yona."

178 "Awu, wazi kanjani ukuthi izokwehla ivela phezulu lapho ibe ingekho phezulu lapho ezokwehla na?"

179 UNowa ngahle ukuba washo into enjengalena, "UNkulunkulu wangitshela ukuthi yayizokwehla. Futhi uma uNkulunkulu wathi 'izokwehla,' Uyakwazi ukuyithatha ayenyusele lapho bese-ke eyehlisa." Ngakho lokho—lokho kuyakuxazulula. Uma uNkulunkulu esho njalo, yilokho kuphela okukhona kukho. Niyabo? Akaqondwanga kahle ngoba wayelandela uNkulunkulu.

180 UElija. Bengingahlala kulezizindaba isikhathi eside, kodwa ngineziningana zazo lapha engifuna ukuza kuzo masinyane. UElija akaqondwanga kahle yisizwe sakubo. UElija wayengumIsrayeli, wayeyiJuda, futhi akaqondwanga kahle ngoba wayesigxeka njalo isizwe sakubo, egxeka inkosi, egxeka indlovukazi, egxeka into eyayingakhona. Futhi wabagxeka! Wayebonakala engumuntu oyinqaba impela. Ngani, he, yonke into, ingu: "Nkosi, ISHO KANJE INKOSI. UNkulunkulu uzokujezisa; wena, Jezibele; wena, *s'bani-bani*."

181 Akaqondwanga kahle. Ngani na? Wayelandela uNkulunkulu. Kwakungesuye uElija abangamqondanga kahle, kwakungumsebenzi kaMoya oNgcwele kuElija abangawuqondanga kahle.

182 Umuntu wayengasivukela kanjani isizwe sakubo uqobo na? Athuke isizwe sakubo uqobo, asiqondise, futhi abeke iziqalekiso zikaNkulunkulu phezu kwaso, sona impela isizwe, bona impela abantu ayehlala nabo. Uhlanga lwakubo uqobo, ibala lakubo uqobo, inkolo yakubo uqobo, uhlobo lwakubo uqobo, kepha nokho abikezele izahlulelo zikaNkulunkulu futhi wabiza indlala phezu kwabo. Akaqondwanga kahle, ngoba kwakungesuye uElija, kwakunguNkulunkulu kuElija abangamqondanga kahle. Kwakungesuye uElija owayengaqondwa kahle, kwakunguNkulunkulu ehola uElija, futhi abaqondanga kahle ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu oNgcwele futhi Angesibekezelele isono.

183 Futhi akunandaba noma kukumfowenu, udade, noma umama, akunandaba ukuthi ubani, kuyisono ebusweni bukaNkulunkulu nokwahlulela kuyokwehlela phezu kwabo ngaso. Abaqondanga kahle.

184 UDanyeli akaqondwanga kahle ngenkathi bonke abanye babantwana bakwaIsrayeli beguqa phansi esithombeni, kodwa yena noShidiraki noMishaki noAbedinego bala ukuguqa phansi. Awu, bathi, "Yin'indaba ngaye na?" Sonke isizwe sathi, "Yin'indaba ngalomfo ohlanyayo na? Awu, onke amanye amaHeberu amazisa unkulunkulu wethu, amazisa, aguqa phansi uma sishaya amacilongo, futhi bakhalise amacilongo futhi badlale izingubhu, kanjalonjalo, futhi badlale umtshingo. Bonke baguqa phansi, kodwa yini indaba ngalomuntu oyinqaba na? Yini indaba ngaye, angeke akwenza na?" Ngoba wayexhumene noNkulunkulu! Yileyo indaba. Akaqondwanga kahle. Wayefanele ukuhlanya, noma wayelahlekelwe yingqondo yakhe, noma babeyisigejane sabangahlahlile ekhanda. Kodwa babelandela kuphela ukuhola kukaMoya. Yingalesosizathu babengaqondwa kahle.

185 Bonke abaprofethi beTestamente eliDala, ukuthi bavuka kanjani futhi baprofetha bamelana nesizwe sabo, ukuthi baprofetha kanjani bamelana nabantu, ukuthi baprofetha kanjani bamelana nento, bebeka iziqalekiso phezu kwabo, futhi benza izinto kanjalo. Abaqondanga kahle. Ngani na? Babeyizinceku zikaNkulunkulu, babenza intando kaNkulunkulu, babenza inkonzo kaNkulunkulu, ngakho-ke abaqondwanga kahle.

186 Futhi noma yimuphi umuntu olandela uNkulunkulu akaqondwa kahle. UJesu, iNkosi yethu, ngenkathi ukuzalwa kwaKhe, Akaqondwanga kahle.

187 Isazi uMegi, abaqondwanga kahle, babelandela isibonakaliso saphezulu kwemvelo ukuthola iNkosi eyazalwa iyiNkosi yabaJuda. Babazi ukuthi kwakukhona iNkanyezi ephuma kuJakobe, ngokweziprofetho zikaDanyeli. Futhi babazi ukuthi leNkosi yayizoba nguMsindisi, Wayezoba yiNkosi yakwaIsrayeli. Futhi beza iminyaka emibili, besuka le eNdiya, ezansi ngaseMfuleni iTigris, nangaphesheya kwezingwadule nasezintabeni, ndawozonke, futhi bengena edolobheni laseJerusalema ngokunye ukuhlwa cishe seliyoshona, bememeza kakhulu, "Uphi Lowo ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Uphi Lowo na?"

188 Futhi kwakungazi muntu ngakho. Kwakuyinto exakile ukuthi iNkosi yabaJuda yayizelwe futhi abantu amakhulu amamayela kude babazi ngakho; futhi khona lapha edolobheni Azalelwa kulo, nendawo Azalelwa kuyo, phakathi kwabantu Azalelwa kubo, futhi babengazi lutho ngakho. Abamqondanga kahle uMegi. Bathi, "Ayikho into okuthiwa yiNkosi yabaJuda. Sinayo inkosi phezulu lapha, uHerodi."

189 Akaqondwanga kahle ekuzalweni kwaKhe ngenkathi Ezalwa. NoMariya wayezoba ngumama ngaphambi kokuba ashade noJosefa. Akaqondwanga kahle. Babecabanga ukuthi Wazalwa ngaphandle komshado ongcwele, babengazi ukuthi uMoya oNgcwele wamkhulelisa lomntwana. Kodwa akuqondwanga kahle. Kwakuyisenzo sikaNkulunkulu nabantu abasiqondanga kahle.

190 Basalokhu bengaKuqondi kahle, isenzo sikaNkulunkulu ngokuvamisile asiqondwa kahle.

191 Ngabantu abakholwa ngokukamoya kuphela, abantu abakholwa uMoya. Kodwa akuqondwa kahle, uMegi akaqondwanga kahle.

192 UHerodi akakuqondanga kahle. Ngenkathi uHerodi ethi, "Awu, ningitshele ukuthi ingane ikuphi, futhi ngiyohamba ngikhuleke kuyo, nami." Wayengumzenzisi, wayengoqamba amanga. Ayekwesaba . . . Wayengayazi imiBhalo ukuthi kwakufanele kubekhona uMesiya ofikayo, iNkosi yaseZulwini. NoHerodi wayecabanga ukuthi kwakuzoba yinkosi yasemhlabeni, futhi wayefuna ukuMbulala ukuba aMchithe.

193 Kwakungesiyo inkosi yasemhlabeni, Wathi lomhlaba awusiwo umbuso waKhe, "Ukuba lona bekungumbuso waMi izikhonzi zaMi beziyoNgilwela, kodwa uMbuso waMi ngowaphezulu." UHerodi akakuqondanga kahle, wayecabanga ukuthi kwakuyinkosi yasemhlabeni.

194 Yileyondlela abasho ngayo namhlanje, "Ungowaliphi ibandla uma ungumKristu na? Hlelo lini na?"

"Alikho!"

195 Abakutholi. Niyabo, ngeke bakuqonda. Bacabanga ukuthi *ihlelo* lisho ukuthi u "mKristu." Kuphambene, kakhulu impela kanjalo. Kodwa akuqondwa kahle ngabantu.

196 Manje, sithola ukuthi uHerodi akaKuqondanga kahle, wayengeke aKuqonda.

197 UNikodemu akakwazanga ukukuqonda, ukuZalwa okusha, ngenkathi efika kuJesu ebusuku. Omunye wamgxeka. Angimgxeki. Wayengumuntu olungileyo, wayefuna ukuthola okuthize. Wayexinekile imini yonke, mhlawumbe wayese ofisi lakhe lobupristi, noma enye into, wadingeka ukuthi afike ebusuku. Empeleni, wafika lapho, wenze okuninginingi okungcono kunoma inqwaba yabantu yenza manje. Ngeke beze emini noma ebusuku. Ekugcineni wafika; ngaphambi kokuba umgxeke, wena ufikile na? Ekugcineni wafika kuJesu, futhi asingamgxeki uma *si* ngakaze sibe lapho. Futhi uma ufika lapho, khona-ke angicabangi ukuthi uyomgxeka. Qhabo, wa—wafika lapho. Futhi ufika ebusuku, futhi mhlawumbe wayexinekile. Empeleni, uyafika. Mhlawumbe uJesu wayexinekile kakhulu phandle ekhulekela abagulayo nezinto, isikhathi kuphela ayengaMbamba ngaso ngalengxoxiswano kwakungaba ngesikhathi sasebusuku. Kodwa ekugcineni wafika lapho, wahlala lapho waze wathola ukuba ngengxoxiswano noJesu. Futhi ngenkathi uJesu ethi . . . Wa—wathi, "Rabi, siyazi ukuthi Wena ungumuntu othunywe evela kuNkulunkulu, ngokuba akekho umuntu ongenza lezizinto Ozenzayo uNkulunkulu engenaYe."

198 UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha angengene eMbusweni, ngeke ngisho awubone uMbuso."

199 Norabi omkhulu, inkosi kwaIsrayeli, wathi, "Mina, indoda endala, ukuba ngingene ezizalweni zikamama wami futhi ngizalwe ngokusha na?" Niyabo, akaqondanga kahle ukuthi uJesu wayekhuluma ngani, akakutholanga nje. Ngenxa yokuthi uJesu wayekhuluma ngokuZalwa komoya, futhi yena wayezama ukukusebenzisa ekuzalweni ngokwemvelo. Ngakho akaMqondanga kahle, akakutholanga. Wavele nje . . . indlela abantu abenza ngayo. NjengoNikodemu nje, abaningi bethu abaziqondi kahle izinto zikaNkulunkulu ngoba sivele sikuthathe nje bese sikusebenzisela into yemvelo.

200 Njengokuthi, uthi, udokotela athi, "O, angikholelwa ekuphiliseni kukaNkulunkulu. Angikholwa ukuthi kukhona okukhona."

201 Ngezwa udokotela etshela owesifazane eofisi ngesinye isikhathi, wathi . . . Futhi wayengazi . . . Wayefuna ukwazi ukuthi kwenzekani esigaxeni ayenaso. Wathi, "UMfowethu Branham wangikhulekela neNkosi yangiphilisa."

202 Wathi, "Angikukholwa." Wathi, "Soze nga—soze ngayikholwa noma yini into enjengaleyo." Wathi, "Ngitshele ukuthi ubani owasisusa."

Wathi, "Thola isibazi."

Wathi, "Wafakani kuso na?"

203 Wathi, "Lutho, lutho nhlobo." Wathi, "Wavele wangibiza nje emhlanganweni nento yasuka."

204 Futhi ngangihlezi khona impela ekamelweni elilandelayo, kunjalo, ngihlezi ekamelweni elilandelayo, ngilalele. Wayengazi ukuthi ngangiphakathi lapho. Futhi naye udokotela wayengazi ukuthi ngangiphakathi lapho, ngoba wayengangazi ngisho nami, niyabo. Futhi ngangilapho ngihlezi phakathi lapho. Futhi wathi. . .Ethatha omunye umuntu emyisa eofisi likadokotela. Kunjalo impela. Futhi bengingakuzwa ngenxaphephe ayekusho. Nga—ngasithola isiguli ngase ngiphuma lapho ngenkathi ngithola lokho, ukuthi wayengakholwa.

205 Ngakho wathi, "Angikholwa nelilodwa izwi lakho." Wathi, "Angikaze ngibone lutho namanje ebingenza noma yini kanjalo. Angikukholwa nje." Wathi, "Ngifanele ngikubone ngaphambi kokuba ngikukholwe."

Owesifazane wathi, "Awu, uthini ngesigaxa sami—sami na?"

Wathi, "Ngifanele ngisibone sisuka ngaphambi kokuba ngikukholwe."

206 Niyabo, ukubona akusikho ukukholwa. "Ukukholwa kuyisiqiniseko ngezinto ongaziboni." Niyabo, uyakukholwa kuqala bese-ke kwenzeka. Ngakho i—indoda yayingesilo ikholwa, ngakho ngakho-ke konke kwakuyimfihlakalo kuyo. Yayingazi ukuthi yayikhuluma ngani ngoba a—ayikuqondanga, kwakuyindida kuyo.

207 Abantu bathi namhlanje, "O, angikholelwa kulokho kuphilisa kukaNkulunkulu. Angikholelwa kulowoMoya oNgcwele. Angikholelwa kulokho kukhuluma ngezilimi. Angikholelwa kulokho kumemeza. Angikholelwa kuyo yonke lento enjalo. Angikholelwa kuyo." Ngani na? Iyimfihlakalo! Awuqondi nje kahle. NguNkulunkulu, nakhu eBhayibhelini. Nakhu kuletha imiphumela efanayo iBhayibheli elakhuluma ngayo ilethwa, ngakho kufanele kube nguNkulunkulu. AniLiqondi nje kahle, yilokho kuphela. UNkulunkulu akaqondisiswa kahle.

208 Abafundi baKhe babengaziqondi izimangaliso zaKhe. Ngalobo busuku ngenkathi Engena esikebheni, futhi wathi, "Muntu muni lona ukuthi ngisho nemimoya namagagasi kuyaMlalela na?" Abaqondanga kahle ukuthi Wayengesuye umuntu, WayenguNkulunkulu.

209 Yileyo indaba namhlanje ngabantu, bafuna ukuMenza umfana omncane oletha inhlanhla, noma eny'into ethize ephatha ibhethi. Bafuna ukuMenza nje umfo omncane ngasekhempini.

210 Wayengesuye umfo omncane ngasekhempini, WayenguJehova, uNkulunkulu! Abakuqondanga kahle. BabeMbheke ukuba nje abe ngomunye wabo. Wayengesuye omunye wabo, WayenguNkulunkulu phakathi kwabo! Wayengaphezu komuntu. Njengoba bengihlale ngisho, Wayengumuntu ngenkathi Elambile, kodwa wayenguNkulunkulu ngenkathi Epha izinkulungwane ezinhlanu ngebheskidi, amabheskidi amabili namaqatha ezinhlanzi. Wayengumuntu ngenkathi Ekhathele ngemuva kwesikebhe, kodwa WayenguNkulunkulu ngenkathi Enqamukisa imimoya namagagasi futhi wakwenza ukuba kuMlalele. "Muntu muni lona na?" Wayengesilo uhlobo lomuntu, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe *ku* muntu. AbaMqondanga kahle. BaMcabanga ukuthi wayengumuntu, indodana kaMariya, umbazi, kodwa WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Amen!

211 Amasosha amaRoma awaMqondanga kahle, ngenkathi beMhlalise enkantolo, futhi bamzongolozela ngendwangu ebusweni baKhe, base beMshaya phezulu ekhanda base bethi, "Manje, uma Ungumprofethi, bonke bathi Ungumprofethi, woza usitshele ukuthi ubani oKushaya phezulu ekhanda."

212 Niyabo, abaqondanga kahle ukuthi uJesu wathi, "Ngenza kuphela lokho uBaba aNgibonisa ukuthi ngikwenze. Ngenza lokho uBaba aNgibonisa khona, bese-ke Ngenza lokho ANgitshela ukuthi ngikwenze." Abakuqondi kahle, abayiqondanga kahle inkonzo yaKhe.

213 AmaJuda awaMqondanga kahle. Ukuthi ufika kanjani abe nguMngane wabo noMsindisi, futhi babefuna ukuMenza into embi. Abayiqondanga kahle inkonzo yaKhe. Wathi, "Inkosikazi yaseningizimu iyakusukuma ekwaHlulelweni kanye nalesisizukulwane futhi isilahle, ngokuba yavela emikhawulweni yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni. Futhi nangu omkhulu kunoSolomoni." Kodwa abaqondanga kahle ukuthi Wayemkhulu kunoSolomoni. Babecabanga ukuthi Wayengumuntu nje.

214 Abaningi babo babecabanga ukuthi Wazalwa ngaphandle komshado ongcwele, wakhulela emndenini omubi ukuthi wayenalezizifiso kanjalonjalo, nomntwana wesihlahla. Esisanda kuba nombuzo nje, abakwazanga ngisho . . . Ngani, bathi, "Ngani, siyazi ukuthi Wena wazalwa ngaphandle komshado ongcwele, Unedemoni kuWe. Ngani, Uzama ukusifundisa thina na? Thina singorabi!"

Wathi, "Ningabakayihlo, udeveli."

215 Niyabo, abaqondanga kahle. Ngenkathi amasosha amaRoma ebuyela emuva ngesinye isikhathi, eMlalele, athi, "Akekho umuntu owake wakhuluma kanje. Asikaze sizwe umuntu ekhuluma kanje."

216 Kwakungesiye umuntu okhulumayo, kwakunguNkulunkulu! Yebo, mnumzane. Umuntu akakhulumanga njengakho. Umuntu usho futhi akhulume imiBhalo, uJesu wenza imiBhalo *iphile*. Umuntu akaphili kanje: "UmBhalo usho *lokhu* lapha, nakhu!" Umuntu angathi "umBhalo uyakusho," kodwa cishe yilokho kuphela angakwenza. Kodwa uJesu wayekwazi ukuthi, "Mina noBaba waMi simunye, uBaba waMi uhlala kiMi. Ongibonile Mina ubonile uBaba." Akekho omunye owayengasho lokho! Amen. Haleluya! Kunjalo. "Obonile Mina ubonile uBaba." Akekho omunye owayengasho lokho!

217 Akumangalisi amasosha athi, "Wayengakaze abekhona umuntu owakhuluma kanje. Akakhulumi njengombhali noma umshumayeli, Ukhuluma ngegunya! Futhi ngisho nodeveli bayaMlalela, nemimoya evunguzayo namagagasi kuyaMlalela." Babecabanga ukuthi Wayengumuntu, kodwa WayenguNkulunkulu.

218 Niyabo, Wayengaqondwa kahle. Bathi, "Ngani, Wa—Wazalwa ungumntwana wesihlahla. Wazalwa ngaphandle komshado ongcwele, futhi Uzama ukusifundisa thina na? Ngani, siyazi Uyahlanya futhi unedemoni. UngumSamariya, kade ulapho futhi wathola lawomademoni abe kuWe. Uzama ukusifundisa thina, thina borabi abangcwele na?"

Wathi, "Nina ningabakayihlo, udeveli."

219 Yebo, abaMqondanga kahle, babengazi ukuthi WayenguBani. Yileyo indaba namhlanje, abantu bezama ukuMenza into Angesiyo. Akasuye umuntu nje, UnguNkulunkulu kuMuntu! Akukho muntu wesithathu, Unguyena kuphela uMuntu. Yebo, mnumzane. Awu, impela, abaMqondanga kahle.

220 UmFarisi, lowomFarisi owamMemela idina ezansi lapho, idili elikhulu, akaMqondanga kahle. Wayecabanga ukuthi wayezoba naYe ezansi nje lapho. Ngashumayela ngalowo mlayezo phandle lapha esikhathini esingeside esedlule ekudleni kwasekuseni, ngiyakholwa, eChicago, kulokho kudla kwasekuseni. LowomFarisi wathi, "Manje, Mbukeni ehlezi emuva lapho, ehlezi emuva lapho, izinyawo ezingageziwe nayoyonke into. Lowo owesifazane omncane uyangena wase eMgeza ngezinyembezi, wase esula ngezinwele zekhanda lakhe." Wathi, "Uma Ubengumprofethi Ubezokwazi ukuthi nhloboni yowesifazane elapho egeza izinyawo zaKhe. Kukhombisa ukuthi Akasuye umprofethi!"

221 UJesu wasukuma, wayesethi, "Simoni, kukhona eNgifuna ukukusho kuwe!" Amen, akaqondanga nje kahle, kwakuyilokho

kuphela. Wathi, "Ngi . . . UNgimemile ukuba ngize, futhi Ngishiye uhlu lwaMi olungixinile ukuba ngize esimwemweni sakho. Futhi uma . . . Awuzange uhlangabezane naMi emnyango. Awuzange ugeze izinyawo zaMi. Awuzange ugcobe ikhanda laMi. Awuzange uNgange ngokungemukela. Uvele nje waNgidedela ngangena, ngingcolile futhi nginuka futhi nigcwele umjuluko, futhi waNgihlalisa ngapha ekhoneni ukuba uhlekise ngaMi. Kodwa lo wesifazane, *lo* wesifazane, uqhubeke njalo wanga izinyawo zaMi, futhi uzigeze ngezinyembezi zokuphenduka," (Amanzi amahle kanje pho!) "futhi wazesula ngezinwele zekhanda lakhe. Kukhona eNgimelene nakho ngawe, Simoni. Ngiqinisile Ngithi kuwe, izono zakhe eziningi usethethelelwe zona zonke." USimoni akaqondanga kahle; owesifazane waqonda. USimoni wathi, "Ungumuntu nje"; owesifazane wathi, "UnguNkulunkulu, uMsindisi wami!" Akaqondwanga kahle. Usalokhu engaqondwa kahle.

222 Abafundi eKalvari, abaqondanga, ngenkathi bonke beMphika futhi basuka bahamba. Babengambona kanjani uMuntu, uMuntu ababemazi ukuthi wayenza izimangaliso futhi avuse abafileyo, nokho Wazinikela ekufeni, futhi wenyuka wadabula lapho, washaywa, futhi ekhala, isikhwehlela sehla ebusweni baKhe, negazi lixutshwe naso lapho ababekade bemhluthule khona intshebe kwangangesandla, bayisusa ebusweni baKhe; futhi basonta umhlane waKhe kwaze kwakhanya amathambo aKhe abasobala, futhi beMkhahlela, futhi belokhu beMshaya; bese bethuka, amasosha adakiwe, beMshaya benyuka ngqo ngomgwaqo. Futhi bame futhi babadedele benze lokho na? Abaqondanga kahle, ngakho bamela kude. Kunjalo.

223 Udeveli akaMqondanga kahle. Udeveli wathi, "Impela lowo ngeke kwaba yiNdodana kaNkulunkulu engama lapho futhi iphathwe kabi kanjalo, nabo bethuka, nabafundi bami ezansi lapho beMphatha noma ikanjani, naYe ekuthatha. Akasiyo iNdodana kaNkulunkulu."

224 NabaFarisi, abapristi, abaMqondanga kahle, bathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, zehlise Wena lapho."

225 Isela ngakwesokunxele saKhe aliMqondanga kahle, lathi, "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, sehlise esiphambanweni, zisindise Wena nathi futhi."

226 Kodwa isela ngakwesokudla laMqonda, lathi, "Sikwenzile, senze ububi futhi sikufanele esikutholayo, kodwa loMuntu akenzanga lutho." "Nkosi, ngikhumbule uma Usufika eMbusweni waKho!"

227 Bhekisisani leloPhimbo liphendula, "Impela uzakuba naMi eParidisi." Laqonda ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu efela izono zethu. Indlela kuphela Ayengafa ngayo, kwakungaba ngukubulawa enyameni. Ngeke abulawe eMoyeni, ngoba

UnguMoya waPhakade. Futhi Wadingeka ukuba abesenyameni ukuze abulawe, ngakho abaqondanga nje kahle. Wakuqonda.

228 Ngoluny'usuku, cishe ezinsukwini eziyishumi emva kwalokho, noma cishe izinsuku ezingamashumi amane emva kwalokho, kwakuyizinsuku ezingamashumi amahlanu, abafundi bakhwela bangena ekamelweni eliphezulu, futhi bahlala phezulu lapho izinsuku eziyishumi nobusuku kuze kufike usuku lwamashumi amahlanu. Kwase kuthi-ke, kungazelelwe, kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla. Ngoba uJesu wayebatshelile, "Bhekani, Ngiyathuma isithembiso sikaBaba waMi phezu kwenu, kodwa lindani emzini waseJerusalema nize nembathiswe Amandla avela Phezulu." Babazi ukuthi Ayezofika. Babazi ukuthi kwakuzoba njalo, kwakufanele kwenzeke. "Yenyukelani lapho futhi nilinde Ngize ngiWathumele." Balinda phezulu lapho. Bavuma ngokuhlambuluka, bakhipha yonke into ezingqondweni zabo nasezinhliziyweni. Babelindile, bonke benhliziyonye, endaweni eyodwa, belindele iSithembiso; beya emuva naphambili, abesilisa nabesifazane, phezulu lapho behambahamba bendawonye kulelokamelo eliphezulu, yonke iminyango ivalwe ngemigoqo ukuze amaJuda angakwazi ukungena futhi—futhi abalimaze.

229 Khonamanjalo, babephezulu lapho behambahamba, futhi nakho kwavela eZulwini inhlokomo kwangathi eyokuvunguza komoya onamandla, yavunguza yazungeza lapho, kwase kuthi izinkotha zoMlilo ziqala ukuhlala phezu kwabo. Iminyango yasho yavuleka, amafastela avuleka, basuka baphumela emigwaqeni.

230 Futhi babengaqondwa kahle, ngangokuthi baze bathi, "Ngabe lamadoda agcwele iwayini elisha na? Lababantu badakiwe ngoba sibezwa benkwankwaza into esingayazi ukuthi bakhuluma ngani." Khonamanjalo, bathi, "Yini pho ukuba sonke ngabanye sizwe ngolwimi lwakithi, bonke laba abasibo abasaGalile na?" Abaqondanga kahle ukuthi kwakuyisithembiso sikaBaba.

231 Khona-ke uNkulunkulu wayenomprofethi lapho owakwazi ukusukuma futhi akhulume, uPetru wathi, "Madoda aseJerusalema nani enakhileyo eJudiya, ningabi ngabangakuqondi kahle lokhu. Lokhu yilokho okwakhulunywa ngomprofethi uJoweli, Futhi kuyakuthi ngezinsuku zokugcina," usho uNkulunkulu, "Ngiyakuthulula uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Naphezu kwezincekukazi zaMi nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi, futhi ziyakuprofetha. Futhi Ngiyakuveza izimangaliso emazulwini phezulu nasemhlabeni phansi, nomlilo, nomusi, nezinsika zentuthu. Kuyakuthi, ngaphambi kokuba kufike usuku olukhulu nolwesabekayo lweNkosi, ukuthi yilowo nalowo oyakubiza iGama leNkosi uyakusindiswa."

232 Kwakungumsebenzi kaNkulunkulu! KwakunguMoya oNgcwele, kodwa abaWuqondanga kahle. Akaqondwanga kahle.

233 Ubehlala njalo engaqondwa kahle. UIsrayeli akaMqondanga kahle. Abantu ngesikhathi sikaNowa abaMqondanga kahle. Abantu ngesikhathi sikaDanyeli abaMqondanga kahle. Abantu ngesikhathi sikaJohane abaMqondanga kahle. Abantu nge— ngesikhathi somprofethi abaMqondanga kahle. Abantu ngonyaka wamaPentecostal abaMqondanga kahle.

234 Abantu ngalonyaka abaMqondi kahle, kusafana. AbaKutholi, ngoba Akaqondwa kahle. Kungu, bazama ukuqhathanisa okwemvelo nokomoya.

235 Ngenkathi abantu phakathi lapho, emva ngqo kosuku lwePhentekoste, ngenkathi bonke sebegcwaliswe ngoMoya oNgcwele, kade benalowomhlangano omkhulu phezulu lapho, babiza indoda ezansi lapho, yayiyisishosha kwasesizalweni sikanina, ababili babo babehambisana emgwaqeni nalesisinxibi saxukuza ikani futhi sacela imali. Wayesethi, "Isiliva negolide anginalo, kepha enginakho ngikupha khona." Wathi, "EGameni likaJesu Kristu waseNazaretha, sukuma uhambe!" Futhi wayibamba indoda ngesandla wase eyisukumisa, futhi masinya izinyawo zayo namathambo amaqakala kwathola amandla. Iqala ukuhamba, futhi yeqa, futhi igijima, futhi igxuma, futhi idumisa uNkulunkulu, yangena ethempelini. Nabo bonke abantu baqala ukubuthana ndawonye, futhi bememeza kakhulu futhi beqhubeka. Ngani, kwakungokungavamile.

236 Futhi babafaka etilongweni, futhi babasongela ngokuthi "Bangabe besashumayela ngeGama likaJesu."

237 UPetru wayesethi, "Ubani esifanele simlalele, uNkulunkulu noma umuntu na?"

238 Base bebakhulula, becabanga ukuthi ngoba babebashayile kancanyana futhi babasongela (ukuthi babezobalengisa ngokulandelayo, noma babashise, noma babafake esiphambanweni, noma enye into), babezokuyeka. Kodwa into elandelayo abayitholayo, babephandle emgwaqeni bekwenza futhi. Ngani na? Abaqondanga kahle. Kwakungesibo labobantu; kwakunguNkulunkulu kulabobantu, enza lezozinto.

239 Ngenkathi bebamba uStefanu omncane eNkantolo yaseSanhedrin, ngalokho kusa, bathi, "Sizomyisa phambi kwalenkantolo. Nxa bonke laborabi nabaJuda nabapristi abakhulu nobaba abangcwele, nabo bonke sebebuthene phandle lapho, labodokotela bezobunkulunkulu, kuzomethusa asangane ingqondo." Ngakho bamkhipha eboshwe ngalamaketango, base bemmisa phandle lapho, umfo omncane njengewundlu phakathi kwesigejane sezimpisi ezihulazayo. Bathi, "Mbhekisisiseni ehla manje, bethi, 'Ngizokubuyisela konke emuva, bazalwane, nonke ningangikhathazi.'"

240 Wathi, "Nina bontamo-zilukhuni nabangasokile enhliziyweni nasezindlebeni! Yini ukuba nimelane noMoya oNgcwele na? Njengoba kwenza oyihlo, nenza kanjalo nani!" Amen!

241 Bathola ukuthi kwakungesuye! Ngokuba bacosha amagabade, futhi baphosa izandla zabo ezindlebeni zabo, base beqala ukumgedlela amazinyo, bamkhanda ngamagabade aze afe. Futhi lapho ephakamisela ikhanda lakhe ngasezulwini, bembhonya ngapha nangapha, wathi, "Ngibona amazulu avulekile, noJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu." Amen! Futhi walala ubuthongo ezingalweni zeNkosi uJesu. Ngenkathi efa, wathi, "Baba, ungababaleli lesisono."

242 Niyabo, abakuqondanga kahle akwenzayo. UPawulu, emi lapho ekubuka, kamuva kwangena emizweni yakhe, wayesethi, "Ngingomncinyane phakathi kwabo bonke, ngoba ngaba ngufakazi ekufeni kukaStefanu, inceku yaKho." Amen. Yilokho-ke.

243 Niyabo, abantu abakuqondi kahle lokhu ukushisekela. Abantu abaqondi kahle namhlanje. Abawaqondi kahle amandla kaMoya oNgcwele. Bakubiza ngesigejane sabagingqiki abangcwele. Bakubiza ngesigejane sabantu abangasile emqondweni wabo. Abaqondi kahle, ukuthi ufanele ulahlekelwe okwakho . . . lokho enikubiza "umqondo wakho osile," ukuze wazi uKristu, ngoba ninomqondo kaKristu khona-ke. Ungeke waba nomqondo wezwe nomqondo kaKristu ngesikhathi esifanayo, omunye ungowenyama nomunye ungowomoya. "Ohamba ngokwenyama ungowenyama, ohamba ngokukaMoya ungokamoya." Amen. Ngakho ngizolahlekelwa yimina uqobo bese ngiyakuthola, Nkosi, kuWe. Yebo, mnumzane. Ngakho uNkulunkulu akaqondwa kahle. Akusuwe ongaqondwa kahle, nguMoya oNgcwele ukwenza wenze lokho abangakuqondi kahle. Amen. Abakhulumi bamelane nawe, bakhuluma bamelane naYe. Abantu abaqondwa kahle.

244 Nampo behamba, mabahambe, kodwa babuyela ngqo emgwaqeni babuye baqale futhi. Kuyafana namhlanje. Ababaqondi kahle abantu. Abazi ukuthi Kuyini.

245 Namhlanje angiqondwa kahle enkonzweni yami, ukuthi Wangithumela kubantu. Abakuqondi kahle. Bonke bathi, "Siyamkholwa uMfowethu Branham . . ." Ngakhuluma nomshumayelli esikhashaneni esedlule, wathi, "Mfowethu Branham, sonke siyazi ukuthi wathunyelwa uBandleni, kodwa, umqondo yilo, ufika kanjani ubhaphathiza eGameni likaJesu na?" Abayiqondi kahle imiBhalo. AbaWuqondi kahle. Wangithumela lokho-ke, yileyo inhloso yami yokuba ngibe lapha. "Ufundiselani ngenzalo yenyoka, nezinto ezinjalo okuphambene nalokho esikufundisayo na?" Awu, mfowethu, yingakho ngilapha. Abakuqondi nje kahle. Amen. Kodwa

uNkulunkulu uyafakaza ngeZwi laKhe nezibonakaliso zikaMoya oNgcwele e. . .?. . .Akunandaba ukuthi kangakanani ba. . .-under-. . .bangeWuqonde kahle, uNkulunkulu uqinisa iZwi! Amen.

246 UNkulunkulu njalo ubengaqondwa kahle. Nalabo abahlala noNkulunkulu abaqondwa kahle kanye noNkulunkulu, ngoba nguNkulunkulu esebenza kubo. Amen. NiyaLikholwa na?

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala.

NiyaMthanda na? Phakamisani izandla zenu bese nisho izindumiso.

> . . .-thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

247 Niyajabula ukuthi aniqondwa kahle na? Sasivamise ukucula iculo elincane, sithi, "Manje, sengiphawuliwe, ngiphawuliwe, ngiphawuliwe, ngiphawuliwe ngoMoya waPhezulu." Kunjalo. Abantu abake bangithanda, bayangifulathela manje ngoba ngiphawuliwe, ngiphawuliwe ngoMoya. Amen. Ngalahlekelwa ngumqondo wami ezintweni zezwe, ukuba ngemukele umqondo kaKristu; ngakho-ke, uma nginomqondo kaKristu, umqondo wami ufuna lezozinto ezingaphezulu. Ngithanda omny'umuntu angikhombise noma yimuphi umbhaphathizo oqondile owehlukile ngaphandle kweGama likaJesu Kristu. Ngithanda omuny'umuntu angikhombise umBhalo othi inyoka yayingenayo inzalo. Ngithanda omuny'umuntu angikhombise umBhalo othi kukhona oNkulunkulu abathathu.

248 Manje-ke bathi, "Awu, kuyini na?"

249 UNkulunkulu waNgithumelela uMlayezo waKhe futhi uyaWufakazela. Uqinisa iZwi ngezibonakaliso zilandela. Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Ngeke bakuphika lokho, kuyisiminya. Kodwa benzani na? AbaKuqondi kahle ngoba angizanga ngegama leAssemblies of God, iOneness, noma iTwoness, noma iThreeness, noma iChurch of God, noma iBaptisti, iMethodisi, iPresbyterian, iLuthela. Angizi nangelilodwa legama labo, ngiza ngeGama likaJesu Kristu. NoNkulunkulu, ngesihawu saKhe, uqinisa uMlayezo ngamandla okuvuka kukaJesu Kristu. Ngakho Kuseyiwo uMoya kaNkulunkulu abantu abangawuqondi kahle. Kunjalo, abaqondanga kahle.

250 Impela, awuqondwa kahle, wonke ophila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu akaqondwa kahle. Konke kusukela le kuNowa olungileyo, konke kwehle njalo kuze kuzofika kongcwele wesimanje namhlanje, akuqondwa kahle. Bekuhlala kuba njalo, abantu abakuqondi kahle.

251 UIsrayeli akakuqondanga kahle. Abaqondi; bangeke nje ngoba bangabenyama emoyeni, futhi akusikho . . . ngeke Kwahluka kokukamoya, ngoba ngeke Kuxubane.

252 Kodwa ngiyajabula ukuthi siphila eMbusweni ongenziwanga ngezandla zomuntu. Ngiyajabula ukuthi siya eMbusweni umuntu angahlanganise lutho nawo. Ngiyajabula ukuthi uMbuso wethu uphezulu. Futhi uma uMbuso wethu uphezulu, sizalwa phezulu, manje-ke sifuna lezozinto eziphezulu, lapho uKristu ehlezi khona ngakwesokunene sikaNkulunkulu, o, lapho Enganamahloni ngathi. Ngobufakazi bethu . . . Asinamahloni ngaYe kulomhlaba, ngoba siyizihambi nabafokazi. Asisibo abalomhlaba, sizalwa nguMoya kaNkulunkulu. Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sagezwa eGazini laKhe, sizalwa ngoMoya waKhe, sagcwaliswa ngomusa waKhe.

253 Yilokho-ke, abaqondanga kahle. Kodwa, esikunakekelayo, siyaMthanda. AniMthandi na? Kulungile, Teddy, sinike inothi kwelithi *Ngiy'Mthanda*, futhi asilicule ngokujula kwenhliziyo yethu.

> Ngiy'Mthanda, ngiy'Mthanda
> Ngoba Wangithanda kuqala
> Wang'thelengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

254 AKamangalisi na? AniMthandi na? Anijabuli yini ukuthi ningaba yinqaba na? Abobupristi bobukhosi, abantu abakhethiwe, abantu abayinqaba, ninikela ngemihlatshelo yokomoya, izithelo zezindebe zenu, ninika udumo kuYe.

255 Ngizoniculela iculo manje, kuthi angicule.

> Ngithola abantu abaningi abangeqonde
> Kungani ngijabule kangaka futhi ngikhululekile;
> Ngigcwaliswe ngoMoya, akukho-kungabaza,
> Futhi yileyo indaba kimi.
>
> O, yileyo indaba kimi,
> O, yileyo indaba kimi;
> Ngigcwaliswe ngoMoya, akukho-kungabaza,
> Futhi yileyo indaba kimi.

256 Niyalithanda lelo na? Asilicule sonke-ke.

> Sithola abantu abaningi abangeqonde
> Kungani sijabule kangaka futhi sikhululekile;
> Sigcwaliswe ngoMoya, akukho-kungabaza,
> Futhi yileyo indaba kimi.

O, yileyo indaba kimi, (Akabongwe uNkulunkulu!)
O, yileyo indaba kimi;
Ngigcwaliswe ngoMoya, akukho-kungabaza,
Futhi yileyo indaba kimi.

O, uma ngijabula, ngiyacula ngimemeze,
Abanye abakuqondi, ngiyabona;
Kodwa ngiwele iJordani ngaqonda ezweni elihle laseKanana,
Futhi yileyo indaba kimi.

O, yileyo indaba kimi, (Akabongwe uNkulunkulu!)
O, yileyo indaba kimi;
Ngiwele iJordani ngaqonda ezweni elihle laseKhanana,
Futhi yileyo indaba kimi.

257 O, ngiyakuthanda lokho. Anikuthandi nina na? Ngiwele iJordani ngaqonda ezweni laseKanana, ngivalelisile ezweni, ngaphakanyiselwa ngaphezu kwezinto zezwe, manje sengihlala kulesisimo saseZulwini. Impela ngiziphatha ngokuyinqaba kulaboklebe ezansi lapho, yebo, impela, ngindiza ngaphezu kwawo. Kunjalo. Yini esiyikhathalelayo pho? Sihlala ezweni laseKanana. Amen! Yebo, mnumzane. Sidla amaGrapes amasha, sinesikhathi esimnandi nje; sigcwele inkazimulo, sigcwele amandla, sigcwele uMoya oNgcwele. Yebo, mnumzane.

258 Kwashiwo nguStefanu, "Wayeyindoda, egcwele." Egcweleni na? Egcweleni na? Wayegcwele uMoya oNgcwele, wayegcwele amandla, wayegcwele ukuhlakanipha, wayegcwele indlakadla yamandla. Kwenzani na? Wayegcwele uMoya oNgcwele! Zihlala lapho zonke lezizinto. Liyilokho konke ibandla likaNkulunkulu ophilayo. Awujabuli ngalo, mKristu na? Yenza ngokujabula. Uma ungaqondwa kahle, "Bonke abaphila ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu abayikuqondwa kahle." Bebehlale benjalo, kwehle njalo eBhayibhelini.

259 Manje, ngizama ukuthini na? Kinina bantu abakhuluma ngezilimi, kinina enimemezayo, enisina eMoyeni, abantu abathi, "O, ngumbhedo," khumbulani nje ngibuyele emuva ngqo futhi nganikhombisa. Ngehla njalo ngomBhalo, njalo abaqondwa kahle. Khumbulani, nisemBhalweni, futhi nenza lokho okufanele. Hlalani nakho ngqo, uNkulunkulu unani. Hlalani emBhalweni ngqo, uNkulunkulu uzokunakekela konke okunye. Amen.

260 NgiyaMthanda. Asicule elami elimnandi, iculo lombhaphathizo elidala, leli esasilicula kungokokuqala iNgelosi yeNkosi lapho ukuba ize ibonakale phambi komuntu, ebukhoneni bayo. Ngangike ngaYibona ngaphambilini, qobo lwami, kodwa kungokokuqala ukuba Ize yehle. Futhi ngenkathi

Yehla, Ya—Yathi, "Njengoba uJohane wathunyelwa ukwandulela ukufika kokuqala kukaKristu, uMlayezo wakho uyokwandulela ukuFika kwesiBili kukaKristu." Amakhulu ngamakhulu ngamakhulu abantu bemi ezingwini ezansi lapho ngenkathi Kwehla ngoJune, 1933, emfuleni. Futhi sasimi ezingwini, sicula.

Ngimi ezingwini zeJordani ezinezivunguvungu,
Bese ngiphosa iso elilangazelelayo,
Ezweni laseKanana elihle nelijabulisayo,
Lapho amafa ami ekhona.

Ngiqonde ezweni lesithembiso,
Ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

O, ngiqonde ezweni lesithembiso,
Ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

Ngiyofika nini kulendawo enempilo,
Futhi ngibusiseke kuze kube phakade!
Ngiyobubona nini ubuso bukaBaba wami,
Futhi ngiphumule esifubeni saKhe?

O, ngiqonde ezweni lesithembiso,
O, ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

Wonke lawomathafa andlalekile
Kukhanya usuku olulodwa lwaphakade;
Lapho uNkulunkulu iNdodana ebusa kuze kube phakade,
Axoshe nobusuku.

Ngiqonde ezweni lesithembiso,
Ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso . . .

261 Asilicule nje lelo futhi, futhi uxhawulane nomunye ongakuwe.

Ngiqonde ezweni lesithembiso,
Ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

262 Manje, ngaphandle kwesithunzi sokungabaza, nonke wena owemukele uKristu, nowaziyo ukuthi uzalwa nguMoya, asiphakamise isandla zethu futhi sicule.

Ngiqonde ezweni lesithembiso,
Awu, ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

263 Kade ngagcina ukubona lokhu. Manenekazi, faka isandla sakho esikhwameni sakho bese uthatha iduku lesandla. Banumzane abahloniphekile, faka isandla ephaketheni lakho elisenqulwini bese ukhipha iduku lesandla. Manje sizoba nesipho sokuvayizela eNkosini. Kulungile, sonke kanye kanye, sizovayizela sengathi siya eKanana manje, vayizela ngeduku lesandla lakho. Kulungile, manje.

Ngiqonde ezweni lesithembiso,
Ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

264 Manje, uma kukhona okhona lapha ongakalwenzi ukhetho lwabo nokubiza kube iqiniso, ongathanda ukuza sisalicula futhi, uthanda ukuhosha iduku lakho lesandla bese uyavayizela kanye nathi futhi. Isango selivuliwe manje, amathikithi amahhala. Ungeze na? Gibela umkhumbi omdala waseZiyoni, uyahamba, uyaphuma. Asambeni.

Ngiqonde ezweni lesithembiso, (akuzukuba kude)
O, ngiqonde ezweni lesithembiso;
O, ubani ozoza ahambe nami na?
Ngiqonde ezweni lesithembiso.

265 Njengoba sisakhothamisa amakhanda ethu:

Ukufana noJesu, nje ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Ukudabula uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

Emkhombeni waseBetlehema kwavela isiHambi,
Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
Ukudabula uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

266 Ningakhohlwa ngeSonto. Ningakhohlwa ngoLwesithathu ebusuku ngumhlangano womkhuleko. Khumbulani, nikhuleke kakhulu, ningikhulekele, nikhulekele umelusi wenu, nikhulekele umakhelwane wenu, abadikoni benu, abaphatheli benu, nikhulekele ukuthi uNkulunkulu uzoba nendlela yaKhe nathi sonke.

Ukufana noJesu, ukufana noJesu,
Emhlabeni ngilangazelela (leso yisifiso senhliziyo yami) ukufana naYe; (akaqondwa kahle)

Khumbula, uNkulunkulu. . .?. . .Leso akusiso isifiso sakho na? Kucabange.

. . .ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *UkuFana NaYe*—Umhl.] . . .emnene ethobile,
Emhlabeni ngilangazelela nje ukufana naYe;
Ukudubula uhambo lokuphila ukusuka emhlabeni kuya eNkazimulweni
Ngicela kuphela ukufana naYe.

267 Amakhanda enu ekhotheme manje, namehlo enu evaliwe, nezinhliziyo zethu zimi maphakathi kuNkulunkulu. Sizobiza owethu oyigugu, umngane olungileyo, uMfowethu Roy Borders, waseCalifornia, ukuthi ngeke yini abe. . .amemezela isibusiso phezu kwalomhlangano. Mfowethu Borders.

